KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

www.kznonline.gov.za

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI | USHICILELO 201 • OCTOBER 2016

# UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL UTAKULA IPHOLELA HIGH SCHOOL




UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele isikole saseBulwer iPholela High School ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe, lapho efike khona uHulumeni wanikela ngezigidi ezingamashumi amane nambili zamarandi wokwakha kabusha lesikole. **Bheka udaba ekhasini 3**




transport Department: Transport REPUBLIC OF SOUTH AFRICA · NDP · RSR Railway Safety Regulator · RTIA · PORTS REGULATOR · prasa · CROSS-BORDER · AIRPORTS COMPANY SOUTH AFRICA

# OKUNGAPHAKATHI









## UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL UTAKULA IPHOLELA HIGH SCHOOL NGEZIGIDI EZINGU 42 ZAMARANDI

### IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele isikole saseBulwer iPholela High School ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe, lapho efike khona uHulumeni wanikela ngezigidi ezingamashumi amane nambili zamarandi wokwakha kabusha lesikole.

## ONGQONGQOSHE BETHULE INTUTHUKO YEZIGIDI KWASITHEBE

### IKHASI 5

Imboni ebalwa nezinye ezinkulukazi KwaSithebe eMandeni igixabezwe ngezigidi zokuyilungisa kanjalo nokuyinweba ukuze yandise umkhiqizo wayo.

## KUNCONYWE IZINGA LOKUHLINZEKWA KWEZIDINGO ZEZEMPILO KWIZIBOSHWA

### IKHASI 7

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usezwakalise ukwaneliseka ngendlela uMnyango wezokuHlunyeleliswa kweziMilo onakekela ngayo izimpilo kwiziboshwa emajele akulesisifundazwe.

## UHAMBO LWE-OSS NONGQONGQOSHE URAVI PILLAY E-UNDERBERG LUVUMBULULE OTHISHA ABAZIMISELE NGOKUFUNDISA IMATHS NE PHYSICS

### IKHASI 10

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu noweze Misebenzi yoMphakathi uRavi Pillay uhlabeke umxhwle ngezinga lokuzimisela koThisha base –Ralph Hardingham School endaweni yase-Underberg maphakathi nesiFundazwe sakwaKwaZulu-Natal.

## UHULUMENI ULALELE IZINKINGA ZOMPHAKATHI WASEDKT NKOSAZANA DLAMINI ZUMA

### IKHASI 12

Sisesikhulu isililo ngokwentuleka kwamanzi ezingxenyeni eziningi zesifundazwe saKwaZulu-Natali kodwa iyaqhubeka imizamo yokudambisa isimo emazingeni omasipala ngokubambisana noHulumeni wesiFundazwe.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL UTAKULA IPHOLELA HIGH SCHOOL NGEZIGIDI EZINGU 42 ZAMARANDI

"Siyomkhumbula u Prof Goba ngeqhaza lakhe ukulwa noHulumeni wobandlululo. Wahamba phambili esigungwini samaqembu ezepolitiki i-Multi-Party Committee ngesikhathi kulungiselelwa ukhetho

**NOLWAZI NZUZA**



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Willies Thembinkosi Mnchunu ebehambele khona izakhamuzi zase-Kilmun, eBulwer ekhuluma ngezinqinamba lomphakathi obhekenenazo.* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele isikole saseBulwer iPholela High School ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe, lapho efike khona uHulumeni  wanikela ngezigidi ezingamashumi amane nambili zamarandi  wokwakha kabusha lesikole. UNdunankulu uke waba ngumfundi kuso lesikole eminyakeni eminingi edlule.

IPholela High School ibalwa njengezinye zezikole ezihamba phambili ngokukhiqiza imiphumela emihle kaMatikuletsheni.

Lesisikole  sakhiqiza abaholi abaningi okubalwa kubo uNdunankulu waKwaZulu-Natal, uDokotela Nkosazana Dlamini-Zuma onguSihlalo we African Union, uChief Justice Sandile Ngcobo kanye noSolwazi uBonganjalo Goba osanda kudlula emhlabeni. "Siyomkhumbula u Prof Goba ngeqhaza lakhe ukulwa nohulumeni wobandlululo.

Wahamba phambili esigungwini samaqembu ezepolitiki i-Multi-Party Committee ngesikhathi kulungiselelwa ukhetho lokuqala lwentando yeningi. UProf Goba waphinda wasiza ukusabalalisa izinhlelo zokufundisa umphakathi ukuvota ngo 1994.

Okubaluleke kakhulu ukuthi siyomkhumbula ngokubamba iqhaza ukusungula umkhankaso wokulwa nenkohlakalo kuhulumeni onesiqubulo esithi "**I DO RIGHT**." Siyomkhumbula u Pro Goba esethi: "Ngenza ubuqotho ngisho engekho ongibhekile" Uqhube wathi ubesanda kukhuluma no Dkt Goba ukuthi yini abangayenza ukusiza lesisikole ukuba sibuyele esimweni saso sakudala. UMacingwana uthe bavumelana ngokuqala ngokupenda lesisikole.

Uveze nokuthi baningi nabanye ababefunda kulessiikole abakhombise intshisekelo yokulungisa lesikole. UNdunankulu uthe uSolwazi uGoba ongasekho emhlabeni wayengumfholi wabo besafunda ePholela kanti ukudlula kuka Mnu. H Verwoerd bakuzwa ngaye ngoba wayethanda ukulalela izindaba zomsakazo. UNdunankulu uthole ukuphoxeka uma ezwa ukuthi imiphumela yalesisikole ayihambi neze kahle futhi kunokuthi ibengcono iyonakala kakhulu. Uthe ngesikhathi kusafunda bona lesikole sasithatha abafundi abenza kahle, ngoba naye wemukelwa kulesikole ngoba enemiphumela emihle.

Uqhube wathi iPholela High School kufanele kufanele sifane nezikole ezisezingeni eliphezulu njengezikole zabelungu eziye zibe namagumbi omtapo wolwazi, ubuchwepheshe bezesayensi kanye namagumbi okufundela ukupheka okungezinye zezibonelo azibekile enkulumweni yakhe.

Emva kokuhambela isikole sasePholela ubesenikela ehholo lomphakathi Ezidweni eKilmun lapho encome khona umphakathi wakuleyandawo ngokuba nenhlonipho emangalisayo.

UNdunankulu uthole ukuthi enye yenkinga enkulu ebhekene nalomphakathi ukwebiwa kwemfuyo, kanti seziningi izigameko zalesisenzo ezibikiwe emaphoyiseni, okumdumaze kakhulu uMacingwana ukuthi lokhu kwenziwa izikhamuzi zakulendawo okuyizo ezinika abantu bangaphandle ulwazi ngemfuyo yabantu nokuthi bangayintshontsha kanjani.

Uthembisile ukuthi loludaba bazolulandela njengohulumeni,

UNdunankulu uphinde wanxenxa nentsha ukuba isebenzisane nomphakathi ukunqanda lezigila mikhuba.

Okunye umphakathi wakulendawo okhale ngakho ukuthi abafundi bahamba ibanga elide uma beya esikoleni, ngakho bacela usizo ngokuthutha abantwana bahanjiswe esikoleni ngoba uthola ukuthi abanye abafundi bagcina sebelova bekhala ngebanga elide kanti abanye bayafeyila ngoba bayaphuza ukufika esikoleni, bafika izifundo seziqalile.

Enkulumweni yakhe uMacingwana ebebhikiswe kulomphakathi uthe abantu kumele baqonde ukuba isimo sezimali asisihle neze eNingizimu Afrika okwamanje kwazise uMphathiswa wezezimali uMnu. Pravin Gordhan ubesanda kunciphisa isabelo zimali, kanti lokho kwenza ukuba ukulethwa kwentuthuko kuhambe kancane kodwa kuzomele abantu bafunde ukubekezela kodwa uHulumeni uzama ngakho konke okusemandleni akhe ukuletha intuthuko kubantu baseNingizimu Afrika.


UNdunankulu uphinde wanxusa lomphakathi ukuthi uqonde ukuthi lonke uhlelo lokulethwa kwentuthuko luthatha iskhathi futhi lunezigaba zakhona ngakho akumele abantu bathukuthele uma intuthuko ingakafiki kubona baze bashise izakhiwo ezinjengama Nyuvesi nemigwaqo ngoba nakho lokho kubuyisela emuva uhlelo lwentuthuko.

UMacingwana uphethe inkulumo yakhe ngokukhumbuza lomphakathi ukuthi amaqhawe akhona avela ngokulwelwa umphakathi ngakho nawo umphakathi kuzomele ubambisane ekwakheni isizwe kakhulukazi intsha. UNdunankulu uthe amadoda nezinsizwa zalendawo kuzomele zihlanganyele ndawonye ukudingida udaba lokukhulelisw kwamantombazane asafunda isikole ngoba lokho kubulala ikusasa lawo kwazise indawo yaseKilmun inezinga eliphezulu lokukhulelwa kwamantombazane asafunda isikole.

Ucele abaholi bomphakathi, abazali kanye nabaholi bendabuko ukuthi babambisane nokulwa nalesisihlava.

Abanye oNgqongqoshe bebephakwe ezindaweni ezahlukene ngaphansi kukaMasipala waseDokotela Nkosazana Dlamini-Zuma.

Ongqongqoshe babonane nemiphakathi eyahlukahlukene babuye bahambela izikole ukugqugquzela abafundi nothisha ukuze imiphumela ibe mihle kulo nyaka.



**Rev Prof Bonganjalo Claude Goba**
(21 December 1943 - 21 September 2016)

# UNDUNANKULU UNCOME IGALELO LIKA SOLWAZI BONGANJALO GOBA

**NDABEZINHLE**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu  khathi ethula inkulumo yenduduzo emngcwabeni kaSolwazi Goba umncome kakhulu ngegalelo lakhe alenza kwezemfundo, kwezenkolo, ekusizeni umphakathi kanye nokulwa nenqubo yobandlululo.

Uveze nokuthi uSolwazi Goba walekelela abaholi bakaKhongolose ngenkathi besekudingisweni.

UMacingwane ubuye wamethulela isigqoko ngezimfundiso zakhe ezenza ukuba udlame lwehle.

Uthe uma abantu bedinga usizo wayezivula izandla zakhe ukubasiza.

**"Uyibekile induku ebandla! Jangase! Mageza ngobisi qede abemhlophe.**
**Mbambo owenda ngonyezi. Sohlala sikuBonganjalo Ngamagalelo Akho!"**



# UMFUNDAZE AWUTHOLA EHHOVISI LIKA NDUNANKULU USULEKELELE UMINENHLE UKUBA ABE NEKUSASA ELIQHAKAZILE

**NOLWAZI NZUZA NO JOY MAKWALA**

UMinenhle Mazwe Mbandlwa uliphakamisa phezulu i-fulegi laseNingizimu Afrika eJapan kwazise ungowokuqala ngqa ohlelweni lokukuthola umfundaze wokufunda phesheya kwezilwandle osungulwe iHhovisi likaNdunankulu kanye nomNyango wezemfundo ephakeme.

UMinenhle uselithathe lelithuba lemfundo njengethuba lokuqeda ububha ekhaya lakhe kanye nokubhekana nezinselelo zempilo.

UMinenhle usafundela ukuthola iziqu ze-Masters kwezokuthuthukiswa nokubuyiselwa komhlaba wabantu kubantu eNyuvesi yase Doshisha eJapan, uthi usethole ulwazi olunzulu kulomkhakha wezemfundo ngoba izwe lase Japan likholelwa kakhulu ekufundeni ngokuba yingxenye yalowomkhakha njengendlela yokufunda. uMinenhle uchitha iskhathi sakhe esiningi ngokwenza ucwaningo aphinde abe ngumelululeki wabafundi, uthi wazithathela yena mathupha umsebenzi wokwaluleka nokusiza abafundi bakwamanye amazwe ngezemfundo ngoba uzibona enenhlanhla yokwazi ukukhuluma isingisi okuwulimi lokuxhumana olusetshenziswa emazweni wonke.

Ekukhuleni kwakhe endaweni enemijondolo uthi impilo yakhe ibinzima futhi ibinezinselelo eziningi kwazise udabuka endaweni yaseFrance ePietermaritzburg lapho ebehlala khona nomndeni wakhe endlini yomxhaso abayakhelwa nguHulumeni. Wafunda amabanga aphansi eKhwezi nase Russell Primary School eSobantu kwathi imfundo yamabanga aphezulu wayizuza eSobantu Secondary School, waphinda wadlulela eKharina Secondary School okuyisikole esixube izinhlanga nakuchaza ngokuthi kwaba nzima ngoba uma ekhumbula waba nenkinga yokukhuluma ulwimi lwesingisi ngoba impilo yakhe yonke wayefunde ezikoleni zabantu abamnyama.

Uthi uyalibonga ithuba lokufunda ezikoleni zabantu abamnyama ngoba wafunda inhlonipho nokuthi kufanele azimisele futhi azinikele ezifundweni zakhe ngoba imfundo ingukhiye wempumelelo.

UMinenhle wabhalisela imfundo ephakeme eNyuvesi yaKwaZulu-Natal ebhalisela i-Bachelor's Degree kwi Social Sciences ngonyaka ka 2010. Ngenxa yesimo sokungabi khona kwemali washiya eNyuvesi ngoba abazali bakhe bengabazisebenzayo yingakho bahluleka ukokhokha imali yezifundo zakhe.

IHhovisi likaNdunankulu laveza isikhangiso semifundaze okokuqala ngqa yokuyofunda phesheya kwezilwandle.

UMinenhle wezwa ngalelithuba wase ezama inhlanhla wagcwalisa ifomu ngenhloso yokuthola lomfundaze. IHhovisi likaNdunankulu lenza inhlolongqondo kanye nezivivinyo uMinenhle waphuma phambili labe selimnika lomfundaze.

UMinenhle wezwakalisa ukujabula nokubonga ngesikhathi esenikezwa lelithuba lokuyofunda phesheya enethemba lokuthu uma esebuya eNingizimu Afrika uzokwazi ukusebenzisa ulwazi lwakhe lekufukuleni ezomnotho zakuleli.

UMinenhle ugqugquzele abanye abafundi basemaNyuvesi ukuba bazame inhanhla bangenele lelithuba lemifundaze njengoba seliphinde lavuleka futhi kulo nyaka ngoba ukufunda phesheya kuyakusiza ukuze uthole ulwazi lwezemfundo olubanzi.



*UMinenhle Mazwe Mbandlwa .*
***Isithombe: THEMBA MNTYALI***

# Kubungazwa usuku lokuqwashisa nge-Alzheimer's

**MINENHLEL MNCWANGO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, usekuqinisekisile ukuthi uMnyango uzosebenzisana namabandla ezenkolo ukuletha intuthuko endaweni yaseMlazi, eNingizimu neTheku. Ukusho lokhu ngesikhathi kunomkhuleko ohambisana nousuku lokuqwashisa ngesifo i-Alzheimer's, i-Alzheimer's Day, okuwusuku olubungazwa umhlaba wonke, emcimbini obewubanjelwe enkundleni yezemidlalo i-King Zwelithini Stadium, eMlazi.

Afike ngobuningi amakholwa angamalunga omphakathi waseMlazi abefake imifaniswano yamabandla ahlukahlukene, kanye nezikhulu zikahulumeni, okubalwa kuzo iNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile, uKhansela Nompumelelo Ntshangase, obemele iMeya yomkhandlu was' eThekwini, umphathi wenhlangano kahulumeni i-National Development Agency, uNkosazane Yoli Ndima, kanye namakhansela omkhandlu waseThekwini.

I-Alzheimer's iyisifo esihlasela kakhulu ogogo nomkhulu, futhi



*Ibivutha inkonzo ngesikhathi kubungazwa usuku lokuqwashisa nge-Alzheimer's.*

sinjalo nje aselapheki, kodwa sidinga ukuba labo abahlala nabantu esesibahaqile ukuba bafundiswe ukuthi bangabanakekela kanjani.

Yingakho uNgqongqoshe uThusi esethathe igxathu lokusebenzisana nabezenkolo ngoba bangabanye babantu abahola abantu abaningi, futhi abaphathiswe izindaba zikaMoya oyiNgcwele, okwenza kube lula ukuqwashisa umphakathi ngalesi sifo. UNgqongqoshe uThusi unxuse abefundisi ukuba bazimbandakanye nemihlangano ehlanganisa zonke izinhlaka zikahulumeni zentuthuko. Uthe: "Siyaninxenxa ukuba abefundisi bazimbandakanye nemihlangano kahulumeni ebizwa ngama-War Room ngoba yilapho esisuke sifuna khona ulwazi lokuthi intuthuko ihamba kanjani emphakathini, nokuthi lapho kuxega khona uhulumeni angaqinisa kanjani. "Luningi ulwazi olungasiza ekuthuthukiseni umphakathi esiludingayo kubefundisi njengokwazi ukuthi zingaki izintandane ezidinga ukubhaliswa khona zizothola izibonelelo, bangaki ogogo nomkhulu abadinga ukusizwa ngokuyogcinwa emakhaya abadala, njalo njalo.

"Lokho kuyogwema ubugebengu obenziwa ngabantu bebhalisa izipoki ngenhloso yokudla imali kahulumeni kanti siyazi ukuthi abefundisi angeke basitshele okungelona iqiniso," kusho uNgqongqoshe uThusi. Uphinde wanxusa abefundisi ukuba balekelele uhulumeni ekukhuzeni umkhuba wokusetshenziswa kwezidakamizwa kanye nokuhlukunyezwa kwalabo asebehaqwe yisifo i-Alzheimer's.

Uthe: "Siyacela mphakathi wakithi ngoba alikatholakali ikhambi lokwelapha isifo sengqondo i-Alzheimer's, uma ubona ugogo noma umkhulu ehamba nqunu engena emzini wakho, akusho ukuthi useyathakatha, kodwa kumele umsize ngokuxhumana nodokotela bezengqondo ngokushesha". UNgqongqoshe uphinde wedlulisela kubefundisi ukudla kokusiza leyomindeni ehluphekayo ewu-20 ngokubambisana noSonhlalakahle boMnyango. UNkosazana Nokuthula Zindela, ongumphathi wenhlangano engenzi nzuzo eluleka ngalesi sifo i-Alzheimer's South Africa KZN Region, naye uxwayise umphakathi ukuthi kumele uqikelele ukuthi uma uhlala nosehaqwe yilesi sifo ubeke kahle izinto ezingaba nobungozi njengemithi kanye noshekhasi ngoba bengakusebenzisa budlabha ogogo nomkhulu.

Uthe: "Umuntu osehaqwe yisifo i-Alzheimer's kuba sengathi umqondo awusebenzi, ngakho kumele niqikelele ukuthi izinto ezinobungozi nizigcina endaweni efanele kanye nezintambo zikagesi azihambele kude ukugwema ingozi engadlula nemiphefumulo yabo" Kanjalo nabefundisi bathembise ukuzimbandakanya nohulumeni ngoba ukufika kwesifo se-Alzheimer's nabo bengabaholi bezenkolo kuyabathinta kakhulu kanye nokudliwa kwezidakamizwa kuyabakhathaza.

Abefundisi benze imikhuleko ebiholwa uMfundisi Khayelihle Masikana webandla i-Presbyterian, uMfundisi Mngambi waseWeseli, uMeja Zondi wase Salvation Army, uMfundisi Mabopa wase Moravian Church, uMfundisi Mawela wase-Harvest Ministries, uMfundisi Dlamini webandla i-Presbyterian kanye noMfundisi Dokotela Phumelele Kunene webandla lamaLuthela.



# ONGQONGQOSHE BETHULE INTUTHUKO YEZIGIDI KWASITHEBE

■ izimboni eziningi ezisebenzela kwaSithebe zifaka isandla emnothweni wesifundazwe ikakhulukazi lezo ezigxile emkhakheni efana neyezindwangu, okusansimbi, ezokukhiqiza, okusaplastiki, ifenisha

Imboni ebalwa nezinye ezinkulukazi KwaSithebe eMandeni igixabezwe ngezigidi zokuyilungisa kanjalo nokuyinweba ukuze yandise umkhiqizo wayo.

Le ndawo eke yaba sematheni ngenxa yezinkinga ezike zayikhungatha phambilini kulonyaka iqashe abantu abacela ku 20,000 ezimbonini ezihlukahlukene ezizinze kuyo.

Kulelisonto uNgqongqoshe kazwelonke weZimboni nezohwebo uRob Davies ehambisana noNgqongqoshe weZokuthuthukiswa kwezoMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uSihle Zikalala bethule isamba esingu R49-million sokuvuselela leya ndawo ukuze iqhubeke nokuba umgogodla wokuthuthukisa ezomnotho kanjalo nokudala amathuba emsebenzi eMandeni namaphethelo.

Izimboni zakwaSithebe zibalwa phakathi kweziyishumi ezweni lonke ezizozuza ngaphansi kohlelo lokuvuselelwa kwezimboni.

Ekhuluma emcimbini wokwethula ngokusemthethweni lo msebenzi, uNgqongqoshe uDavies uthe: "Isigaba sokuqala sokuvuselelwa kwakaSithebe kubalwa ukuqiniswa kwezokuphepha, ukubiywa kwemboni, ukufakwa kukagesi kanjalo nokuvuselela kabusha uphahla ezindaweni lapho kubonakala khona ukuthi seluwohlokihle."

Waqhuba wathi izimboni eziningi ezisebenzela kwaSithebe zifaka isandla emnothweni wesifundazwe ikakhulukazi lezo ezigxile emkhakheni efana neyezindwangu, okusansimbi, ezokukhiqiza, okusaplastiki, ifenisha, ezobunjiniyela, njl, njl. Indawo yakwaSithebe, engaphansi kweThala okuyisikhungo sikahulumeni waKwaZulu-Natali, ithathwa njengesibonelo sokuthi izimboni ziyakwazi ukusebenzela emalokishini nasezindaweni zasemakhaya kepha zisimame.

UNgqongqoshe Zikalala wananela phezu kwamazwi kaDavies wathi Isithebe njengezinye zezimboni ezinkulukazi kwisifundazwe kumele iphathiswe okwezikhali zamantungwa kwazise inkulu indima eyidlalayo ekuxosheni ikati eziko, ikakhulukazi emphakathini walapha eMandeni namaphethelo.

Wabe esexwayisa umphakathi ngokuthi kungakubi ukuthi kuphinde kuzwakale ukuthi leyandawo esikhishelwe imali engaka ukuyilungisa isiphinde futhi yacekeleka phansi ngenxa yezigilamkhuba ezingafisi ukubona into enhle endaweni yabanmyama.

"Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi lezigidi ezifakwe lapha kwaSithebe zizosiza umphakathi ngoba phela kuzokhula isibalo sezinkampani ezifisa ukusebenzela lapha.

Kodwa ngaphezu kwalokhu, kuphinde futhi kufakazele isethembiso sethu njengohulumeni obusayo sokuthi ukuthuthukiswa komnotho wabantu bakithi, abamnyama, kuyinto eseqhulwini sezinto esifuna ukuzifeza," uZikalala washo kanje.



Ukuvuselelwa kwakaSithebe kuhambisana nokuvuselelwa kwezinye izimboni ezisezindaweni ezihlukahlukene kwezinye izifundazwe kubalwa kuzo iBotshabelo Industrial Park eFree-State kona okudle imali engu-R24 million kanjalo ne-Seshego Industrial Park at eLimpopo okuthathe imali engu R21 million.

# UZikalala uqinisekisa ukuhlanzeka nokuphepha kwamabhishi ngamaholide

SIYABONGA MAPHUMULO

Njengoba amaholide kaDisemba esesemome, nokuyisikhathi lapho khona izinkumbi zabantu abavela kwezinye izifundazwe zitheleka KwaZulu-Natali, uNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala usehlabe ikhwelo lokuthi omasipala abagudle ugu baqinisekisa ukuhlanzeka nokuphepha kwamabhishi.

UNgqongqoshe ukusho lokhu ngenkathi ethula ngokusemthethweni uhlelo olubizwa ngokuthi yiBlue Flag nokuyindlela yokuqikelela ukuthi amabhishi asezingeni lomhlaba kwezenhlanzeko kanye nokuphepha kumasipala waseHibiscus Coast ogwini oluseningizimu.

"Sonke siyazi ukuthi njengoba sekungena ihlobo nje abantu abavela kwezinye izifundazwe ngisho nasemhlabeni wonke jikelele bazofika ngobuningi babo esifundazweni sethu kanti-ke thina okwethu ukuqinisekisa ukuthi izivakashi zethu ziyaphepha."

Uhlelo lwama-Blue Flags lwaqalwa eYurophu ngonyaka ka-1985 kanti iBlue Flag iklonyeliswa kuphela lawo mabhishi asezingeni lomhlaba ngenhlanzeko, ezokuphepha kanjalo nokusebenza ngaphansi kwemigomo ebekwe ikomiti elibhekele amaBlue-Fags.

UZikalala wathi njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natali sinemihlabahloso ehlukahlukene eheha izivakashi kusukela eziqiwini, izintaba zoKhahlamba nalo belu ulwandle, kubalulekile ukuthi sihlale njalo sizihlola ukuthi sisabambe ngakho yini ukuze abantu bafike bephindelela.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

"Yize abantu bezifela ngesifundazwe sethu asikwazi ukubeka amageja ethala sithi sesiyilimile indima esilingene kepha kumele sihlale ngokujeqeza, sizihluphe ngokuphatha ngendlela izivakashi zethu kwazise nezinye izindawo ezweni nazo ziyafuna ukuthi zihehe izivakashi."

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali yiso esihamba phambili uma kuziwa kwezokuvakasha ebantwini abavela kwezinye izifundazwe.

UNgqongqoshe waphinde wadalula ukuthi iKwaZulu-Natali inesu elibizwa ngokuthi iKwaZulu-Natal Beach Tourism Policy, okuhloswe ngalo ukuthuthukisa amabhishi kulesisifundazwe.

"Inhloso yethu ukuthi sikwazi ukusebenzisana nezinhlaka ezihlukahlukene ezibambe iqhaza kwezokuvakasha ukuze sikwazi ukuthi le mboni iqhubeke nokukhula futhi nabantu abamnyama bahlomule kuyo," washo kanje. INingizimu Afrika inamabhishi angu 41 angaphansi kohlelo lweBlue Flag kanti ayisikhombisa kulesisibalo angaphansi kukaMasipala waseHibiscus Coast.

> *"Yize abantu bezifela ngesifundazwe sethu asikwazi ukubeka amageja ethala sithi sesiyilimile indima esilingene kepha kumele sihlale ngokujeqeza."*



> **"Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi lezigidi ezifakwe lapha kwaSithebe zizosiza umphakathi ngoba phela kuzokhula isibalo sezinkampani ezifisa ukusebenzela lapha"**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# ABADALA BAHLOMULA UKWEDLULA WONKE UMUNTU KUHULUMENI WENTANDO YENINGI

MINENHLE MNCWANGO

UHulumeni wentando yeningi ukuqikelele ngendlela ukunakekeleka kwabantu abadala, futhi wenza isiqiniseko sokuthi bayakwazi ukuveza izimvo zabo ukuze bathole ukunakekeleka okubafanele. Lokhu kuvele ngesikhathi kuhleli iPhalamende labadala ebelibanjelwe endaweni yasoPhongolo, ngaphansi komkhandlu wesiFunda i-Zululand.

Leli phalamende lithathe izinsuku ezimbili, kwathi kwelesithathu kwabungazwa abadala, obekuyingxenye yosuku olugujwa ezweni lonke. Umbiko kaHulumeni ohlanganisa yonke imiNyango kulesi siFundazwe uveze ukuthi seziphendulwe zonke izicelo ezazicelwe nyakenye ngesikhathi kunephalamende labadala elalihleli endaweni yakwaHlabisa ngaphansi komkhandlu wesiFunda uMkhanyakude. Kulombiko kubikwe ukuthi uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi wakusukumela ngokushesha okwacelwayo njengoba usuqashe abasebenzi abangu-317 abazobhekelela ogogo nomkhulu. Kuphinde kwanikezelwa ngesakhiwo esisiza abadala asebephenduke izisulu zokuhlukunyezwa ngokocansi kanye nolunye uhlobo lokuhlukumezeka esingaphansi komkhandlu waseMshwathi endaweni yakwaSwayimane.

Kanti futhi uHulumeni uvele unaso nesikhungo esigcina asebekhulile esisendaweni yaseNkandla ngaphansi koMkhandlu wesiFunda i-King Cetshwayo, uphinde uHulumeni asebenzisane nezikhungo ezizimele ezigcina ziphinde zinakekele abadala, kodwa azixhasa minyaka yonke ngezizumbulu zemali, sezizonke zibalelwa ku-47. Kunezikhungo ezixhaswe uMnyango lapho asebekhulile behlangana khona benze umsebenzi wezandla ozobangenisela imali futhi ngesikhathi behleli bathola ukudla okunempilo. Umbiko kahulumeni ukuvezile ukuthi uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi unophiko olubhekelela izindaba zabantu asebekhulile, kanti asekhona namakomidi abo ezingeni lama wadi, kuye emikhandlwini emincane nakwemikhulu, esiFundazweni kanye naku zwelonke.

EsiFundazweni abadala baholwa uNkosikazi Daphney Memela, ophinde abe iphini likaSihlalo kuzwelonke. Ekhuluma kulomcimbi, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, obemele uNdunankulu wesiFundazwe, unxuse imindeni ehlala nabantu asebekhulile ukuba ibaphathe kahle, iphinde yazi ukuthi ukukhula noma ukuguga komuntu kuhambisana nezifo ezifana ne-Alzheimer's, lapho behanjelwa imiqondo. Uthe: "Abantu abadala sebefana nenqolobane yolwazi kithina sonke, abaphathwe kahle.

Kuyimanje silwisana nokuthathwa kwemali yogogo nomkhulu, okuthiwa bathenge izinto ezithile bengazithenganga. "Siyacela nehlukane nomashonisa ngoba uHulumeni uyanithanda uninikeza lemali yesibonelelo ukuba niziphilise nina, uma nihlala nabazukulu kodwa abazali babo bezidlela bona imali yesibonelelo sabantwana. Bikani ngokushesha, sizoyivala ngokushesha"
Lapha abadala benze izincomo zokuthi uhulumeni akaqhubeke akhe amakhaya okugcina abadala, okungenani isifunda ngasinye asibe nalo ikhaya.

Akuqeqeshwe onompilo ukuba bakwazi ukusebenzisa imithi khona bengeke babe nenkinga yokuya emitholampilo. Asebethathe umhlalaphansi abanikezwe ithuba lokusiza uma bezibona besakulungele ukusebenza. Zonke izinhlelo zikahulumeni azibafake nabo. Akwandiswe izibhedlela ezindaweni zasemakhaya.

Akwandiswe izakhiwo zikahulumeni ezifana noSASSA khona usizo luzotholakala eduze, zonke izifunda azinakekelwe ngokufana. Lomcimbi uphethwe ngokuthi uNgqongqoshe uThusi abungaze abaneminyaka edlulile ekhulwini abayisihlanu sebebonke ngokubapha izingubo zokulala, ukudla okungadliwa umndeni inyanga yonke, izinduku zokudondolozela kanye nobhasikidi onokudla okunempilo kanye nezithelo. Amagama alezi zaguga ngoMnumzane Michael Nhleko (111), uMnumzane Ephraim Buthelezi (110), uMnumzane Samson Thwala (104), uNkosikazi Liphina Mtungwa (104) kanye noNkosikazi uMartha Ndwandwe (103). UNgqongqoshe uThusi ubebambisene noNgqongoshe wezoBuciko, amaSiko, eZemidlalo kanye nokuNgcebeleka, uNkosikazi Bongi Sithole-Moloi, amalunga esiShayamthetho, nobuholi bendawo.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, emcimbini ngesikhathi kugujwa uSuku lweZaguga oPhongolo.*

# Imhlabe umxhwele uNgqongqoshe uThusi imiphumela yezikole zase Harry Gwala District

MINENHLEL MNCWANGO

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, unxuse othisha ukuba basebenzisane nayo yonke iminyango kahulumeni ukuze kusizakale abafundi ekutholeni imiphumela emihle kamatikuletsheni.

Ukusho lokhu ngesikhathi ehambele umphakathi wase-Nkwezela, eBulwer, ngaphansi komkhandlu omusha i-Dr Nkosazane Dlamini-Zuma, ebiyaziwa nge-Ingwe\KwaSani ngaphambilini, emcimbini kahulumeni wokuya kubantu ngaphansi kohlelo lwehhovisi likaNdunankulu, i-Operation Sukuma Sakhe, olubakhona zinyanga zonke eziFundeni ezahlukahlukene, okuhloswe ngalo ukuxoxisana nemiphakathi ngezentuthuko. Uqale wahambela izikole ezimbili zendawo, okuyiSiqhoza Secondary School, kanye neDingeka Technical High School, lapho exoxisane nothishomkhulu, othisha kanye nabamele amakomidi alawula izikole aziwa ngama-School Governing Body. Kulezi zikole uNgqongqoshe uThusi ubikelwe ngenkinga enkulu yabafundi abasebenzisa izidakamizwa kanye nokukhulelwa kwabafundi besifazane, abanye babo abagcina bengasaphumeleli ukubhala izivivinyo zabo, kulimale ikusasa labo. Imhlabe umxhwele uNgqongqoshe uThusi imiphumela yeminyaka edlule yaseSiqhoza Secondary School kube u 68% , isuka ku-64% ngonyaka ka 2014, kanti iDingeka Technical School yona nyakenye yathola u 86%, isuka ku 83% eyawuthola ngonyaka ka2014.

Uthe enye yezingqinamba ukulamba kwabafundi abasuka emakhaya ahluphekayo nokwentuleka kwemifaniswano esezingeni. Sekuvelile ukuthi abafundi, okuhlanganisa nabesifazane, bagcina belova ezikoleni ngenxa yokweswela okusetshenziswa abesifazane uma besezinsukwini. Uthe: "Siwuhulumeni siyasebenzisana ngakho-ke othisha abangathuli uma behlangabezana nenkinga yabafundi abasebenzisa izidakamizwa kanye nokulamba kwabafundi ngoba ukhona uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi owasungulelwa ukuba ubhekane nalezo zinkinga."

Ube esenikezela umfaniswano kubafundi labo abahlonzwe njengabadinga kakhulu ukulekelelwa, kanye nokudla.

Abafundi besifazane bathole amathawula abawasebenzisa uma besezinsukwini, kanjalo nezinto zokugeza kubona bonke abafundi. Isiyonke imindeni ehlomulile ibe ngu-20 ebimelwe abafundi abayishumi isikole ngasinye. Nezikole nazo zihlabene njengoba enikele ngamajezi okudlala ibhola nemidlalo efana nebhola lombhoxo kanye nezihlahla ezitshalwe emagcekeni. Usuke lapho wadlulela ehholo lomphakathi lapho bekuhlanganele khona yonke imiNyango kahulumeni ukuzobhunga mayelana nokusebenza kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe.

Ube esedlulela e-Bhambatha Community Hall, ukuyohlangana nomphakathi obuphume ngobuningi bawo ungenandaba nemvula ebina ngamandla namakhaza eshubisa umkantsha.

Umphakathi uncome indlela uhulumeni azinikele ngayo njengoba bebona intuthuko iza kancane kancane, kodwa bakhale kakhulu ngokushoda koNompilo abahambela imizi, ukushoda kosonhlalakahle, ama-Ambulense angatholakali uma bewadinga, bacele futhi ukuthi uhulumeni asukumele udaba lwezindlu kanye nemitholampilo njengoba abantu asebekhulile kudingeka bahambe ibanga elide ukuyolanda amaphilisi.

UNgqongqoshe uThusi ubehambisana neNkosi yesiZwe sakwaMemela, noSomlomo woMkhandlu wesiFunda i-Harry Gwala, uKhansela N.Z Jojozi, iPhini leMeya yoMkhandlu wasekhaya, i-Dr Nkosazane Dlamini-Zuma, uKhansela Philani Shange, uKhansela Mhlengi Dlamini wakuWadi 9, uKhansela Victor Phoswa, amakhansela omkhandlu wesiFunda i-Harry Gwala, okungo Khansela V. Xotongo, uKhansela Z. Tshazi kanye noKhansela N.W Dladla.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi Kanye nomunye wabafundi.*



**"Siwuhulumeni siyasebenzisana ngakho-ke othisha abangathuli uma behlangabezana nenkinga yabafundi abasebenzisa izidakamizwa kanye nokulamba kwabafundi."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UKUSOKA AKUNIKI IGUNYA LOKUTHI OWESILISA ENZE UCANSI OLUNGAVIKELEKILE, KUXWAYISA UNGQONGQOSHE DHLOMO

Ungqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse abesilisa ukuba bakhumbule ukuthi ukusoka akubaniki igunya lokuthi benze ucansi olungavikelekile, njengoba kwehlisa amathuba okuthola igciwane lesandulela ngculazi ngo 60% kuphela.

UNgqongqoshe Dhlomo, oneziqu zobuDokotela, ubekade ekhuluma emtholampilo wase-Mbumbulu, njengoba kade ezibambele yena mathupha, esoka abesilisa abane. Sibe phezulu isibalo sabesilisa nabafana abasebancane abebekade bezosoka kulomtholampilo njengoba izikole zisavaliwe esifundazweni saKwaZulu-Natal. Njengenhlala yenza, uMnyango wezeMpilo ubunamakhempu okusoka kuzo zonke izinkalo zesifundazwe ngesikhathi kuvalwe izikole. Kusukela ngonyaka ka-2010, isifundazwe saKwaZulu-Natal sesisoke abesilisa kanye nabafana abangaphezulu kuka 700 000 selokhu uNgangezwelakhe iNgonyama yesizwe saMaZulu uKing Goodwill Zwelithini ahlaba ikhwelo lokuthi kuvuselelwe isiko lokusoka. UNgqongqoshe Dhlomo uthi isifundazwe saKwaZulu-Natal sijabula kakhulu ukuthi akukaze kube nemibiko yokushona kwabantu selokhu kwaqala uhlelo lokusoka. Ngesikhathi uDkt Dhlomo ekhuluma emva kokusoka abesilisa abane base-Mbumbulu uthe: “Sinxusa abazali bezingane noma labo ababheka izingane ukuba bavumele bonke abafana abasebancane njengoba kuyisikhathi samaholide esifundazweni ukuthi bezosoka ezinkanjini zethu esizihlelile ezikhungweni zethu zezeMpilo, ezikoleni nasemahholo omphakathi njengoba sihlale senza. Lokhu akukhona ukusika umkhono nje kuphela, kodwa kuphinde kufundiswe abesilisa ngendlela yokuziphatha empilweni. Abesilisa abahambela izinkambu zethu bayafundiswa ngokuba amadoda aqotho angomuso, azozihlonipha wona, aphinde ahloniphe abantu besifazane kanye nezingane.”

Khona manjalo uNgqongqoshe Dhlomo ukhiphe isixwayiso esiqinile kulabo abasokayo abacabanga ukuthi ukusoka kusho ukuthi sebengavele balale nje noma kanjani bengasebenzisi i-Condom uma beya ocansini. UDkt. Dhlomo ukubeke kwacaca ukuthi ukusoka kunciphisa kuphela ngo 60% ukuthola igciwane lesandulela ngculazi. “Ukusoka akuniki umuntu igunya lokuthi usengaziphatha noma kanjani. Akumele uma ususokile ucabange ukuthi usuzolala noma kanjani.

Uma uhlolelwa isifo sengculazi kutholakale ukuthi unegciwane lengculazi uzokwelulekwa bese uthola imishanguzo ngaleso sikhathi. Uma ungenalo igciwane qinisekisa ukuthi awube usalithola igciwane. Lokhu kungenzeka ngokuqinisekisa ukuthi usebenzisa uhlelo lokuzivikela okumbaxambili (Dual Protection) nokuwuhlelo olugqugquzela ukuthi kusetshenziswe i-Condom abesilisa, bese kuthi abesifazane bahlele umndeni ukuvikela ukukhulelwa okungenasidingo nokungahlelelwe.”

UNgqongqoshe Dhlomo unxuse abantu abasha ukuba baqikelele kakhulu ukuthi uma beya ocansini bathatha izinqumo ezifanele sonke isikhathi. “Ngisho seniya emicimbini kamatikuletsheni yokuvalwa konyaka, kumele niqinisekise ukuthi nibuya ningenazo izifo.

Kumele niqede ezikhungweni zemfundo ephakeme ningenazo izifo nize nigogode ningenazo izifo, ukuze nithole imisebenzi nifeze amaphupho enu. “Nisesigabeni seMpilo esimqoka sokubheka impilo yenu. Noma isiphi isinqumo enisithathayo singaniholela kokuhle noma kokubi. Konke kusezandleni zenu ngokwenza izinqumo ezifanele. Ningamoshi impilo yenu, zinakekeleni sinxusa lokho nje.”



*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo eseMtholampilo wase-Mbumbulu, kanye noMhlengikazi wesilisa uSizwe Dladla besoka owesilisa.*



*UNgqongqoshe Dhlomo eluleka abesilisa kanye nabafana abasebancane abaneminyaka cisho eko 14 ubudala, abebekade bezosoka eMtholampilo wase-Mbumbulu.*

# Kunconywe izinga lokuhlinzekwa kwezidingo zezempilo kwiziboshwa

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usezwakalise ukwaneliseka ngendlela uMnyango wezokuHlunyeleliswa kweziMilo onakekela ngayo izimpilo kwiziboshwa emajele akulesisifundazwe. Lokhu kulandela uhambo luka uDkt. Dhlomo obevakashele ijele lase-Westville ebheka ukuhlinzekwa kwezidingo zezempilo kulesi sikhungo. Ngesikhathi efike lapha uNgqongqoshe Dhlomo ufike wathola ukuthi lesi sikhungo simumathe iziboshwa eziphakathi kuka 10 000 kuya ku 12 000.

UDkt Dhlomo uphinde wahlabeka umxhwele ngesikhathi ezwa ukuthi lesi sikhungo sase-Westville uMedium B yiso kuphela kulelizwe esihlinzeka ngohlelo lokunakekela iziguli ezingelapheki, i-Palliative Care ngokubambisana ne Hospice Palliative Care of South Africa.

Lolu hlelo lwe-Palliative Care luqinisekisa ukuthi uma umuntu sekutholakele ukuthi uphethwe yini kuyaye kuqikelelwe ukuthi uyidla ngendlela imishanguzo yakhe uthola nothando olufanele kanye



*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo kanye nezinye iziboshwa eziqeqeshelwe uhlelo lwe Palliative Care kanye nesinye esisalashwa embhedeni.*

nokululekwa ngokwengqondo. Lolu hlelo selukwazile ukwenza ngcono impilo yeziboshwa ezigula kakhulu, nokuthi zithole ukunakekelwa, zinikezwe amaphilisi okuqeda izinhlungu, zelulekwe ngokwengqondo kanye nangokomoya. Kuvele nokuthi ezinye iziboshwa zase-Westville seziqeqeshelwe ukuba onompilo ukuba zibheke ozakwabo abangaphathekile kahle.

OnguKhomishana wezokuhlunyeleliswa kwezimilo esifundazweni uMnuz Mnikelwa Nxele uphinde wazisa uNgqongqoshe uDhlomo ukuthi ijele lase-Westville linama-gumbi asetshenziselwa uhlelo lwe-Palliative Care okusebenza kuwo abahlengikazi abahlanu, oDokotela ababili abaqeqeshelwe lokhu, abaluleka ngokweNgqondo ababili, kanye nabaluleka ngokukamoya ababili, bese kuba osoNhlalakahle abayishumi kanye naboMnyango wezekuhlunyeleliswa kwezimilo abangu 26 abaqeqeshelwe loluhlelo. UNgqongqoshe Dhlomo uzwakalise ukujabula okukhulu ukuthi iziboshwa azishiywa ngaphandle kuloluhlelo, emva kokuthi aziswe ukuthi lesi sikhungo sinabesilisa abangu 60 kanye nabesifazane abangu 5 abaqeqeshelwa uhlelo lwe-Palliative Care.

Lezi ziboshwa eziqeqeshelwa lokhu ziyalekelela ukukwazi ukubona ozakwabo abadinga usizo lwezeMpilo noma abasuke bengaphilile.

Ijele lase-Westville ngenxa yalokhu selikwazile ukwehlisa isibalo seziboshwa ebezidlula emhlabeni. Sikhuluma nje iziboshwa ezine seziphila saka emva kokuthi zase zigulela ukufa, kodwa zasizakala ngenxa yaloluhlelo. UNgqongqoshe Dhlomo uzibophezele ukuthi uMnyango wezeMpilo uzokwelekelela abaphathi bejele ngakho konke okusemandleni: “Empeleni umsebenzi woMnyango wezeMpilo uyakuqinisekisa ukuthi abantu bonke baphila isikhathi eside eNingizimu Africa.

Iziboshwa ziqala emitholampilo yethu uma sezidedelwa, ngakhoke azikwazi ukuba umthwalo woMnyango wezokuhlunyeleliswa izimilo ngoba uma singaqali emitholampilo yethu, zizofika emphakathini zithelele abanye abantu uma zingalutholi usizo lwezempilo zisengaphakathi.

“Sizokwelekelela singuMnyango wezeMpilo ikakhulukazi ekuhlinzekeni ngemishanguzo ye-HIV sihambisana nomgomo kaHulumeni oqale mhlaka 01 ku-September 2016 wokuthi, manje wonke umuntu otholwe enegciwane khathi ehlolwa usezothola imishanguzo ngaleso sikhathi,” kusho uDkt Dhlomo.

Lesi sikhungo kumanje sineziboshwa ezingaphezulu kuka 1 700 ezinesifo segciwane lesandulela ngculazi, kodwa zisengu 900 ezithola imishanguzo yegciwane lengculazi.



**“Empeleni umsebenzi woMnyango wezeMpilo uyakuqinisekisa ukuthi abantu bonke baphila isikhathi eside eNingizimu Africa.”**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UMNYANGO UBUNGAZE OTHISHA BESIFUNDAZWE

**NOMPUMELELO GASA**

UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali ugubhe usuku lothisha olugujwa umhlaba wonke jikelele ngenhloso yokubabungaza ngeqhaza abalibambile emhlabeni kanye nasemiphakathini abayisebenzelayo. Umphathiswa wezeMfundo, uMhlonishwa uDlungwane obeyisikhulumi esiqavile akasalanga kulomgubho obuyingqayizivele obuhlanganisa othisha, izinyunyana, yizigungu engamelele izikole kanye nazo zonke izinhlaka ezibalulekile emnyangweni, ogujwe mhlaka 05 October 2016, e Mpangeni TVET ngaphansi kwesiFunda iKing Cetshwayo. UMnyango wezeMfundo uyakuthakasela ukuba nemigubho yaloluhlobo lapho kuhlangana khona izinhlaka ezahlukene eMnyangweni ngenhloso yokubungaza imisebenzi emihle eyenziwa othisha ezikoleni. UMnyango uyaluhlonipha lolusuku lothisha ngoba lungezinye zezinsuku ezibalulekile. Okuvelile ngalolusuku ukuthi kubalulekile ukuthi igqanyiswe imisebenzi emihle eyenziwa oThisha kungahlezi kuvela imisebenzi emibi eyenziwa idlanzana ukungcolisa igama lothisha abasayinakekela imfundo. Ekhuluma kulomcimbi uMphathiswa wezeMfundo uMhlonishwa uDlungwane, ukubeke kwacaca ukuthi uyazigqaja ngothisha baKwaZulu-Natal ngemisebenzi emihle abayenzayo. "Namhlanje sizobungaza iqhaza enilibambile ukufundisa abantwana bethu. Lolusuku lusikhumbuza imisebenzi emihle eniyenzayo njengothisha ekuthuthukiseni izinga lemfundo yabantwana bethu. Angingabazi ukuthi sonke njengoba sila ingoba sadlula esandleni sikathisha.

Uthisha umuntu obaluleke kakhulu ezimpilweni zethu ngenxa yegalelo alenzayo ekuletheni ulwazi kusukela emazingeni emfundo aphansi kuya emazingeni emfundo aphezulu," kubeka uDlungwane. UMnyango uyazibophezela ekugubheni lolusuku ngenhloso yokunika othisha inhlonipho abayidingayo ngenxa yegalelo labo.

UDlungwane ubuye wakhumbuza zonke izihambeli ukuthi uthisha akagcini ngokufundisa egumbini lokufundisa kuphela kodwa ubamba nelikhulu iqhaza ekubumbeni umfundi ngenhloso yokwazi ukuhlukanisa okuhle nokubi ukuze akhule abe ngu mhlali waseNingizimu Afrika ohloniphekile. Umphathiswa unxuse othisha ukuthi baphinde bazikhumbuze ukuthi yini uthisha, bathi uma bebuyela ezikoleni zabo bakhumbule ukuthi babaluleke kangakanani emiphakathini yabo. "Sibonga indima neqhaza enilibambile, ikakhulukazi ekuthekeleni ulwazi, nifundisa ngokuzikhandla ngenhloso yokubumba umfundi.

SiwuMnyango siyazazi izimo ezinzima enisebenza ngaphansi kwazo, kodwa siyazibophezela ukuthi sinilekelele lapho nidinga khona usizo. Umnyango wezeMfundo awuyilutho ngaphandle kwenu," kubeka uDlungwane. Uqhube ngokuthi yize kukhona isihlava esifuna ukona igama labo ngenxa yokwenza izinto eziphambene nomthetho, kodwa uma bengasukuma babambisane bangalwa nalelidlanzana.

OkaDlungwane uphethe ngokubonga indlela abasebenzisana ngayo nezinyunyana ngenxa yokuthi banokuzwisisana ukuthi imfundo iyona ekumele ibekwe eqhulwini futhi wonke umuntu alekelele ngendlela eyakhayo ukuze ithuthuke. Uqhube ngokubonga zonke izinhlaka eMnyangweni wezeMfundo ngegalelo labo besebenzisana noMnyango.



*HOD U-Dkt Enoch Nzama, Umphathiswa wezemfundo kwaZulu Natal, Omunye wothisha abakomelisiwe, DDG Adv. Bheki Masuku.***Isithombe:SIBONELO QWABE**

# OwezeMfundo nohlelo lwe International Scholarship kanye ne Student Exchange

**NOMPUMELELO GASA**

UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal uzwakalise enkulu injabulo ngokuba yingxenye ye International Scholoarship kanye ne Student Exchange Programme ezodlala enkulu indima ekucijeni kanye nokuthuthukisa izinga labafundi kwisiFundwazwe saKwaZulu-Natal. "Thina siyisiFundazwe esikhiqiza inani elikhulu labafundi abaphumelela umatikuletsheni minyaka yonke.

Lokhu kusho ukuthi kumele sibe nezindlela eziningi zokucija abafundi ukuze baphumelele ngamalengiso futhi bamukeleke nasemazingeni aphezulu ngenxa yemiphumela yabo emihle futhi baqasheke uma sebeqedile emazingeni aphakeme.

Ukuze konke esikufisayo kufezeke ngabafundi bethu, kusho ukuthi siwuMnyango kumele sisebenze ngokuzikhandla, siqhamuke namasu kanye nezinhlelo ezihlukahlukene zokulekelela abafundi ukuze babengabahamba phambili emhlabeni jikelele," kubeka uMphathiswa uDlungwane.

UMnyango usalokhu uqhubeke njalo ngezinhlelo zokuthuthukisa izinga lemfundo kusukela emazingeni aphansi ukuze bethi beqamba befika kumatikuletsheni, babe sebemkantshubomvu.



*UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane.*

Yingakho uMnyango uzizwa ujabulile ukuba yingxenye ye International Scholarship kanye ne Student Exchange Programme, ngoba lokhu kusho kona ukufeza iphupho lokuthuthukisa abafundi kuwona wonke amazinga.

Inhloso enkulu yaloluhlelo ukuqinisekisa ukuthuthukiswa kwamakhono kubafundi nokubacija besese mazingeni aphansi emfundo.

Okunye okubalulekile ngaloluhlelo, ukuhlonza futhi kuthuthukiswe abafundi abenza kahle ikakhulukazi labo abaqhamuka emaphandleni, ukuqhakambisa lemikhakha eyaziwa njengenzima kwezemfundo ikakhulukazi ezeSayensi nezobuchwepheshe, ukuthuthukisa abafundi kwezamakhono ngenhloso yokuthi bakwazi ukuzibambela futhi bazimele ngenxa yolwazi lokuzenzela, ukucobelela ngolwazi namanye amazwe kanye nokwakha ubudlelwane phakathi kwezikhungo zemfundo emazingeni aphansi kanye nalezo zikhungo ezisemabangeni aphezulu.

"Yingakho siwuMnyango senze iziFunda zethu ukuthi zibambe iqhaza ekusebenzisaneni nohlelo lwe Operation Sukuma Sakhe ngenhloso yokwehlisa isibalo sabafundi abaqeda ukufunda bahlale emakhaya ngoba liningi iqhaza abangalibamba ukusebenzisana noHulumeni wesiFundazwe ezinhlelweni oziletha emphakathini," kubeka uDlungwane.

UMphathiswa uDlungwane uzishaye isifuba ngezinhlelo ezifuze lezi, uMnyango obuyingxenye yazo.

"Ngizizwa ngithobekile ngaloluhlelo ngoba izinhlelo ezifuze lezi uMnyabo ozibandakanye nazo zithele ezinhle izithelo.

Phambilini sibe nabafundi abayisihlanu abaqhamuke kwisiFunda sethu abathola ithuba lokuyofunda eJapan abanga mashumi amane bathola ithuba lokuyofunda eChina abanye abayishumi nambili bafake isicelo sokuyoqhuba izifundo zabo ePoland.

Lokhu kusho kona ukuthi uMnyango uzibophezele ekuthuthukiseni nasekucijeni abafundi besiFundwazwe.

OkaDlungwane uphethe ngokubonga zonke izinhlaka ezihlanganyele ukwenza loluhlelo lube impumelelo okuyi Hhovisi lika Ndunakulu wesi Fundazwe, UMnyango wezeMfundo, Trasversal Bursary Directorate Kanye noMasipala weTheku.

> *"Thina siyisiFundazwe esikhiqiza inani elikhulu labafundi abaphumelela umatikuletsheni minyaka yonke."*



**Sifisela bonke abafundi, ikakhulukazi labo ababhala ibanga leshumi, okuhle kodwa kwizivivinyo zabo.**

**...Championing Quality Education - Creating and Securing a Brighter Future**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# ABASO-KHAHLAMBA BATHEMBISA UKWEXWAYA KULENTWASAHLOBO

**VERNON MCHUNU**

Izizwe zaMangwe, eMaswazini kanye namaZizi, oKhahlamba, zethembise ukuthi zizoyilandela imiyalelo kahulumeni wesifundazwe ukuze kube nokuphepha ezimweni zezulu elibi, nesezilindelekile njengoba selethwese nje.

Amalungu omphakathi, nabeholwa yinkosi yesizwe kanye namakhansela endawo, azisholo wona ukuthi impela uhulumeni usexwayise wafundisa kwezwakala mayelana nezindlela zokuphepha lapho izulu liduma noma linezikhukhula neziphepho.

Lokhu kuvele ngesikhathi umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu uzokwethula umkhakhaso wokuxwayisa ngezinhlekelele ezingadaleka lapho khona kugasela isangquma sezulu nezimvula ezinkulu.

Kuzokhumbuleka ukuthi indawo yasoKhahlamba ingezinye zalezo ezivama ukuhlaselwa yizulu elibi, njengoba isibalo sabantu asebethe baswelakala sesilinganiselwa ku 20 kuleminyaka emithathu edlule kuphela.

Kanti, ongoti nezanusi sebeqagule ukuthi izulu lingahle lidume futhi line kabana kulelihlobo, nokuyinto echazwa njengeminye yemiphumela yesivuvu emkhathini nesigcina sesidala izulu elibi neliguquguquka ngokungajwayelekile.

Lomkhankaso wethulwe ngungqongqoshe wezokuthuthukiswa komphakathi, umhlonishwa uWeziwe Thusi, nobemele uzakwabo ophathiswe uCogta, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, nobesathe hulukuqu kwelasemelika ngokomsebenzi kahulumeni wokuqwashisana ngezezimo zezulu ezingeni lamazwe omhlaba.

Ezinye zezindlela zokuphepha, zethulwe njengalezi:

- Akufanele siwele imifula noma sithathe uhambo olungenaso isidingo uma izulu lilibi.
- Abashayelayo nabo kufanele baqaphele emgwaqeni bangashayeli ngesivinini njengoba umgwaqo usuke ushelelela.
- Asipheze ukuhamba phandle nasezindaweni eziyizinkalo uma izulu liduma.
- Abantu bakithi futhi mabapheze ukwakha ezindaweni ezingamathafa lapho amanzi engahambi khona
- Asigweme futhi ukwakha osebeni lomfula lapho umfula uma ugcwele khona ugcine usukhukhula nemizi.
- Asiqinisekise ukuthi uma izulu liduma, amafasitela siyawavula kushaye umoya endlini, futhi sigweme ukujuluka nokuhlala ngokusondelana.
- Amanzi nezingcingo ikakhulukazi ezingomakhalekhukhwini bakwethu sikwexwaye kakhulu.









Lucime nje ucingo uma liqala liduma ngoba lunokuthi ludonse umbani uzihambela lena kude.

- Abantwana bethu, ikakhulukazi abafana abajwayele ukudlala ibhola asibakhuze bakuyeke lokhu uma kuduma izulu.
- Ngokunjalo futhi kuyingozi enkulu ukuqhuba izinkomo uma izulu liduma.
- Asiqaphele ukuwela amabhuloho ambozwe amanzi, hleze singathi siyawela uthole ukuthi ibhuloho sekudala lemukile.

# IZINDLU EZINTSHA ZESULE IZINYEMBEZI





**VERNON MCHUNU**

Zesuliwe izinyembezi emindenini eyaba zisulu zesimo sezulu esibi, nesashiya lemindeni ingenamakhaya ngesikhathi "inkanyamba" igasele esizweni saMangwe ngasezintabeni zokhahlamba eBergville.

Umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali ufeze isethembiso owasenza ngesikhathi salenhlekelele, sokuthi imindeni eyalahlekelwa izokwakhelwa izindlu kabusha.

Lesisethembiso sasenziwe ngungqongqoshe womnyango, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ngesikhathi efike endaweni emveni kwesehlakalo, njengokomsebenzi womnyango ophathiswe ukubhekelela izinhlekelele, ngaphezu kokusebenza komasipala kanye nokuthuthukiswa kobuholi bomdabu.

Umnyango wakhe, owaziwa ngamafuphi ngokuthi u-Cogta, kungumsebenzi wawo ukuthi ufundise ngokugwemeka kwezinhlekelele kanye nokunciphisa umonakalo nxashane kwenzeke izinhlekelele ezingeke zavimbeka ngokwesandla somuntu.

Ngenxa yokuthi umhlonishwa uDube-Ncube ubebanjwe ngomunye umsebenzi nawo obandakanya ezezimo zezulu kwelaseMelika, ube esenxusa uzakwabo umhlonishwa uWeziwe Thusi, ongumphathiswa womnyango wezokuthuthukiswa kwabantu, nodume ngokuthi owezezimpesheni nezenhlalakahle, ukuba azonikeza lemindeni izikhiye zezindlu ezintsha. Kuqhume imikliklizo kwase kuthi izinyembezi zosizi ezazigeleze ngesikhathi esedlule senhlekelele yesiphepho, zabe sezesuleka, sekuqhasha ezenjabulo esikhundleni sazo.

Ogogo bakwaShange nakwa Mabizela bazwakalise ukuthokoza okukhulu, besho khona ukuthi abawakholwa amehlo abo.

"Impela lohulumeni ungowabantu. Wake wayizwaphi indaba yokuthi abantu bakhelwe izindlu nguhulumeni lapho kade kuvele inhlekelele khona.

Ngisho nasemadala eJudeni akukaze kwenzeke," kuchaza intombi endala uNkkz Mabizela.

"Mina ngisho sengingawushiya lomhlaba, kodwa sengibheme ngakholwa.

Siyabonga bantabami, uze usibongele nakulentombi yakwa Dube (-Ncube)," kunanela uNkkz Shange, ebhekise kumhlonishwa uThusi.



**"Asiqinisekise ukuthi uma izulu liduma, amafasitela siyawavula kushaye umoya endlini, futhi sigweme ukujuluka nokuhlala ngokusondelana."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UHAMBO LWE-OSS NONGQONGQOSHE URAVI PILLAY E-UNDERBERG LUVUMBULULE OTHISHA ABAZIMISELE NGOKUFUNDISA IMATHS NE PHYSICS

**MELBA NZIMANDE**

UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nowezeMisebenzi yoMphakathi uRavi Pillay uhlabeke umxhwle ngezinga lokuzimisela koThisha base –Ralph Hardingham School endaweni yase-Underberg maphakathi nesiFundazwe sakwaKwaZulu-Natal.

Lokhu kuphawuleke ngesikhathi uMhlonishiwa uPillay ehambele izikole ezahlukene eNkosazana Dlamini-Zuma njengoba ebehola ithimba loNgqongqoshe ebelihambele lezindawo ngohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe okuwuhlelo lukaHulumeni wesiFundazwe lokuya ngqo emphakathini ukubheka ukuthi intuthuko ihamba kanjani.

Ngenyanga kaMandulo (September) zingamashumi amabili nesishagalombili, uPillay uhambele izikole ezimbili e-Underberg okuyi-Ralph Hardingham School kanye ne-Skofill High School nalapho ebeyobheka ukuthi lezikole ziqhuba kanjani ohlelweni lokufunda nokufundisa.

Ngesikhathi efika esikoleni eRalph Hardingham uthole ukuthi lesiskole sikhiqiza imiphumela emihle kakhulu kwi-Maths nePhysics kusukela emabangeni aphansi kuya ebangeni leshumi.

Kumanje lesiskole kubikwa ukuthi uma kubhekwa imiphumela yalezifundo kuwo wonke amabanga imi ku-60% isuka phakathi kuka-20% no 22%.

Ngokusho kukaThishanhloko wesikole uNkosazane Thobile Shongwe uthe ukwenyuka kwalemiphumela kube ukuzimisela koThisha ababili balesiskole uMnumzane Mhlengi Shezi Kanye noMnumzane Thobani Nyathukazi abasebenza ngokuzikhandla kulesiskole kubandakanye nabanye oThisha balesiskole.

Lapha uNgqongqoshe uPillay uhlabeke umxhwele ngomunye walaboThisha uMnumzane Mhlengi Shezi njengoba wayekade engumfundi kuso lesiskole, wathola umphumela ka-A- kwiMaths, wabuya wazofundisa sona lesifundo kulesiskole.

Uqhube wathi umsebenzi abawenzayo uyisibonelo esihle emphakathini kanti ukwenza kwabo sekulethe izithelo ezinhle kulesiskole.

Ngesikhathi ekulesikole uMhlonishwa uPillay uphe abafundi izipho ezahlukene kubalwa umfaniswano wesikole, nezinto zokugcoba kanye nezinto zokusiza abafundi besifazane ngesikhathi esithile senyanga (sanitary pads), ubuye watshala nesihlala i-Yellow Wood kuzona zombili lezikole ukuze kusizakale abafundi ngomthunzi.

Okunye okuphawulwe oThisha balezikole zombili kube yinkinga yokukhulelwa kwabantwana, ukushadiswa kwabo besebancane kanye nemicimbi eyenziwa umphakathi ngezinsuku zokufunda nephazamisa ukuza kwabatwana ezikole. UMhlonishwa uPillay usuke lapho wahambela indawo yase-Himeville nalapho ezwakalise ukukhathazeka kwakhe ngalezinkinga azithole kulezikole abekade ehambele kuzo.

Ube esenxusa umphakathi ukuthi ube yinxenye ekuxazululeni izinkinga ezikhunethe lomphakathi.

Kulo loluhambo, uMhlonishwa uPillay noMeya uNkosazane Mncwabe waMasipala iNkosazana Dlamini-Zuma banikele kwiqhembu lomculo lomphakathi ngezinsimbi zomculo ebelizidinga.

Umcimbi uphele leliqhembu selizi xhavatha izinsimbi zalo ezintsha nokube yindlela elibonga ngayo uMhlonishwa uPillay Kanye no Meya uMncwabe.



*UNgqongqoshe uRavi Pillay exoxa noThisha abenza umsebenzi oncomekayo uMnumzane Thobani Nyatukazi (ophakathi nendawo) nofundisa iPhysical Science kanye noMnumzane Mhlengi Shezi (kwesokudla) nofundisa iMathematics.*




*UMEC uPillay (Ophakathi) no Meya UNkosazane Mncwabe (Kwesokunxele) bagixabeze iBhendi ngezinsimbi zomculo (Kwesokudla) uMr Ngubane no Mr Zimu.*
***Izithombe:* SIBONGILE DLANGALALA**

# UMnyango wezoBuciko naMasiko uxhase inkundla yokubonisana nabahlukunyezwayo

**STHEMBISO SHANGASE**

Abantu abanebala elimhlophe kanye nabadala banikwe ithuba lokuphefumula ngokubakhathazayo kwaSkhemelele KwaMhlabuyalingana enyakatho yeKwaZulu Natali. Umnyango Wezobuciko Namasiko uhambisana nehhovisi likandunankulu wesifundazwe bahlele isithangami sokubonisana nalezizinhla zomphakathi eseziphila ngokuthuka izanya kulendawo.

UMnyango Wezobuciko Namasiko esifundazweni usingethe uhlelo lokuhlalisana emphakathini "Social Cohesion" yingakho ukubona kuyisidingo sawo ukuthi usondele kulezizindaba ezigcina sesiphazamisa ukuhlalisana emphakathini uma sekunukwana ngokuthakatha noma kubizwana ngezici. UNgqongqoshe walomnyango uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uveze ukuthi njengoba kuyijoka lakhe ukuvuselela Ubuntu ebantwini kuyamkhathaza ukubona abantu bephenduka izilwane emphakathini. "Kuwumsebenzi wethu bazali ukufundisa izingane ukuthi zihloniphe abantu abadala singagcwanekeli kubona ngoba kuqala ekhaya silokhu sithi ningamnaki ugogo noma umkhulu uyabheda bese izingane zimubona njengomuntu ongaphelele ongenasithunzi", kubeka uSithole-Moloi obethumele izithunywa zomnyango wakhe kulombuthano ogqugquzelwe yiSAOPF.

Uthi uyazi ukuthi ukuthi abazali abaningi abasalitholi ithuba lokuba nezingane zabo ngezimo zomsebenzi kodwa kubalulelike ukuthi mhla izikole zivaliwe noma ngezimpelasonto noma ebusuku ukufundisa izingane kube yinto eqhubekayo engamile nsuku zonke. Inhlangano yabadala iSouth African Older Persons Forum nayo ifake isandla yasondela ukuzolalela izinkinga ababhekana nazo abantu abathathwa ngokuthi bangabuthaka kulendawo.

Lendawo yakwaMhlabuyalingana ngaphansi kukamasipala uMkhanyakude isike yaba nezigigaba ezingana lapho kubikwa ukubulawa kwezingane nabantu abaphila nebala elimhlophe maqede kunukwe abelaphi bomdabu ngokuthi basuke befuna ukuyokwenza iphukeshe lenhlanhla.

Inyanga edumile kulendawo uMnuz James "Godolulalamankankane" Mthembu ebiyingxenye yabelaphi bomdabu abathamele lesithangami ikhuze umhlola yathi ukwakha umuthi ngezicuyo zabantu kubathela ngechilo bonke bengabelaphi bomdabu.

UGodolulalamankankane usanda kubophisa owesifazane wasendaweni abemusola ngokuthi ubezama ukumudayisela ingane enebala elimhlophe.

"Asihlukaneni nokubiza abanye abantu ngezinyamazane belaphi bomdabu ngoba ngaphandle kokuthi lokhu kuyahlukumeza nje kodwa awukho umuthi othi thi owakhiwe ngomuntu", kusho uGodo kulombuthano we SAOPF.

UGodo uthi lomkhuba ungcolisa isithunzi sabelaphi bomdabu ngakho yena uzomelana nawo kuze kube uphela nya.

Abantu abaphila nebala elimhlophe bathole ithuba lokusho uzwakalisa ukuthi akwehli kahle kubona ukuthi babizwe ngamagama ayisethuko njengelithi bayizinkawu noma izishawa kumbe abelungu.

Obekhulumela abanebala elimhlophe kulesithangami uMnuz Janson Sithole uthi bafisa ukubizwa ngamagama abo okuzalwa hhayi wonke lawa abanikwa wona.

UMnuz Sithole uthi uma kuwukuthi usufuna ukuchaza kabanzi ngabo kungcono usebenzise igama elithi abantu abanofuzo ngoba lokhu abayikho kusukela ofuzweni abaluthola kubazali babo.

"Into ebangela ukuthi sibe nebala elimhlophe wukuthi kuthi ngesikhathi kuhlangana imbewu kababa nomama kube khona oyedwa kubazali unofuzo lwesakhiwo sokuntula imelanin lokho okudala ukuthi kwakheke ingane enebala elimhlophe" kuchaza uMnuz Sithole.

Babuye bacela ukuthi nasezikoleni banikwe ithuba elithe xaxa uma kubhalwa ngoba ngenxa yokungaboni kahle, abakwazi ukwenza ngokushesha njengezinye izingane.

Nabantu abadala bathole ithuba lokuzwakalisa ukuhlukunyezwa abakuthola emindenini yabo nasemphakathini ngokubanzi. Bathi uma kuyoholwa iphesheni bona beqelwa ngabantu abasha babangenele kolayini bagcine sebehola selishonile ilanga.

Okunye ukubulawa kwabo ngoba besolwa ngokuthakatha kanti inkinga yabo ukuthi bayakhohlwa.

Bavezele isithangami se SAOPF ukuthi bake bakhohlwe nawugqoka, izindlela eziya ekhaya nokuthi yisikhathini sini sosuku ngokuthi bavele bavuke bahambe kwesinye isikhathi bazithuke sebebuza amagama abantu okudala bashona becabanga ukuthi basaphila.

Abantu abadala babuye baphakamisa ukuthi imindeni yabo ibasize ngokuthi ibagqokise njalo uma uma belala futhi sebeyasaba ukulala bodwana ngoba izinto zivamise ukonakala ebusuku kungcono uma belele nabantu.

Isikhulu se SAOPF u Mnuz Jerome Sikhosana uthembise bonke abebehambele lombuthano wokubonisana ukuthi imibono yabo angeke iwele phansi ngakho bazoyithatha bayidlulisele phambili ingaze igcine isifika nasemanyuvesi kubhungwe ngayo ukuze kuqhanyukwe namaqhinga azosiza kuphela ukuhlalisana kabi emphakathini.



**"Kumanje lesiskole kubikwa ukuthi uma kubhekwa imiphumela yalezifundo kuwo wonke amabanga imi ku-60% isuka phakathi kuka-20% no 22%."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# UFIKE KWEZWAKALA ETHEKWINI UMKHOSI WELEMBE OKHETHEKILE

**STHEMBISO SHANGASE**

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali u Nkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi ube nesigqi uMkhosi wokugubha iminyaka engama 200 kusukela embusweni weLembe kuza eminyakeni engama 45 kubusa Isilo Samabandla uMdlokombane.

Umkhosi wakulonyaka ububanjelwe enkundleni yezemidlalo iMoses Mabhida eThekwini. Amabutho abesuka kusona sonke isifundazwe atheleke kulenkundla kwamnyama inkundla ngenxa yobuningi.

Umnyango Wezobuciko Namasiko ngobambisana nehhovisi leSilo kanye nelikandunankulu wesifundazwe bahlinzeke amabutho ngezokuthutha okubala izitimela, amabhasi kanye nezinye.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi obengomunye wabebephethe uhlelo lwalomgubho, uthi isizwe sizizwe sibusisekile ngokuba khona kwamabandla amele izinkolo ezahlukene kulomgubho okubala nelama Nazaretha ekuyilo elivule ngenkonzo yasekuseni.

Isilo sisebenzise lomgubho ukukhuza umhlola ngokukwenzeka ezikhungweni zemfundo ephakeme lapho abavundi bevuke indlobane bacekela phansi izikhungo zemfundo egameni lokuthi bafuna ngodli imfundo yabhusende. Oka Bhekuzulu uze wacela abazali ukuthi basondele bakhuze izingane zabo ezingasalawuleki.

Isilo siphinde sazwakalisa ukujabula ngokuthi uMkhosi Womhlanga wakulonyaka ubusezingeni elicokeme futhi bekufike izintombi ezisuka nakwezinye izifundazwe njengase Gauteng. UBhejan'ephumesiqiwini ubuye wakhuza nomhlola wokuzingelwa kwezilwane zasendle ikakhulukazi obhejane abaqothwa mihla namalanga.

UMdlokombane udonse ngendlebe amabutho ukuthi angakhohlwa ukuthi umsebenzi wawo ukuvikela imvelo yethu.

UMaSithole-Moloi uthi ukugubha iminyaka engama 200 yesizwe samaZulu kusho igxatho eligqamile eselihanjwe yilesizwe esabunjwa umntaka Senzangakhona.

"Umbumbi wesizwe samaZulu iSilo sakwaDukuza uShaka kaSenzangakhona wayenobuhlakani obunzulu njengoba wakwazi ukuqoqa izizwe eziningi wakha isizwe esinamandla esisodwa", Kusho uMaSithole-Moloi. UNgqongqoshe ubuye wagcizelela ukuthi uhulumeni wesifundazwe ikakhulukazi umnyango wezobuciko uyakujabulela ukuthi ube yingxenye yalomgubho oyingqophamlando wokugubha iminyaka engama 200 selokhu iLembe laba khona nengama 45 yombuso wesilo esikhona manje.

UMaSithole Moloi uthi umkhosi wakulonyaka uhambe kahle kakhulu futhi nezinga belicokeme kakhulu kwazise bekuqala ukuthi ubanjelwe eThekwini njengoba uhlala ubanjelwa KwaDukuza kanti futhi bewesekwe kakhulu amabutho nabobonke abantu abakhele isifundazwe.





# UMnyango wezobuciko uzihola phambili ngokugcinwa kwamagugu esiFundazwe

**THEMBEKA DLAMINI**

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu Natali uthi igama lesifundazwe liqukethe umlando ophelele futhi libeka isithombe esigqamile, esinesigqi nesihlanganise amasiko ehlukene.

UNgqongqoshe walomnyango uNkk Bongiwe uMaSithole-Moloi uthi lokhu akusilo iphutha ngoba kuchaza ngokusobala ukuthi singobani siphumaphi amasiko ethu athini nokuthi siqondephi siyisizwe. UMaSithole wakwaMoloi uthi ukusungulwa komfelandawonye iKwaZulu Natal Heritage Preservation Initiative kusho ukuthi isifundazwe sesizosho ngazwi linye ukuvikela amagugu aso. KZNHPI ivula inkundla yokuthi bonke osomlando nezinhlangano nemiphakathi enolwazi ikwazi usebenzisana kuvikelwe umnotho wamagugu esifundazwe. UNgqongqoshe uthi njengoba uma ulisingisa entshonalanga yesifundazwe phansi kwezintaba Zondi NoKhahlamba emigedeni yakhona ufica imidwebo efakazela ukuthi imiphakathi yabathwa yaphila khona yashiya umlando oqoshwe emtsheni nasemigedeni.
Uthi lobuciko basemandulo buyinqolobane equkethe imidwebo yabathwa emhlabeni jikelele elinganiselwa ezinkulungwaneni ezingama 40 000 esibuyela esikhathini esiyiminyaka eyizi 2 400. NgokukaMaSithole-Moloi umzabalazo wenkululeko qobo lwawo, izimpande zawo zigxile kakhulu kuso lesifundazwe saKwaZulu-Natali. Amagugu esizwe yiwona abaluleke kakhulu ekubunjweni nasekwakhiweni kwesizwe esihlanganisa imiphakathi yentando yeningi. Isizwe kumbe umphakathi ongenawo amagugu kanye namasiko awo, awukwazi ukusebenza ngokubambisana.

Ukulungisa imiphakathi ebihlukene nokuxoxa ngamagugu aleyo miphakathi esiqhelelene isikhathi eside kubukeka kuyingqinamba enkulu. Uma ubuka ngezindlela eziningi ezahlukene, ukugcinwa kumbe ukukhuthaza ukugujwa kwamasiko ethu akukafiki eqophelweni elifaneleyo esifundazweni. Lokhu sekwakhe isimo lapho kuphela khona amathemba ngokuvikeleka kwamagugu ethu. Njengalokhu isimo sinje, singase sizithole sisengcupheni yokulahlekelwa ingxenye enkulu yamagugu ethu, okuyiyona echaza kabanzi ngentando yeningi yokuqala.

UNgqongqoshe uthi eminyakeni engamashumi amahlanu ezayo, kuyothi uma ngabe isizwe sibheka emuva ngamagugu aso, kube sekukuncane kakhulu okungakhunjulwa, yingakho kubalulekile ukuthi kuqoshwe phansi kusemanje. I-KZNHPI isimema zonke izakhamuzi ukuthi zifingqe imikhono kanye ukubamba iqhaza ekuvikeleni nasekuthuthukiseni umnotho wamagugu esizwe.

UNgqongqoshe umaSithole-Moloi uthi njengoba umnyango wakhe ubhekelela izindaba zokuvuselela ukuzazi kwabantu ukuthi bangobani basuka kuphi ngokomlando nokuthi babhekephi njengesizwe. "Kahle kahle, amagugu esizwe ayinomfi esizibuthela ndawonye kuze sisebenzisane ndawonye sigubhe ndawonye", kusho ungqongqoshe.

Uthi ulwazi oluqoqiwe luzokwenziwa lutholakale kule website ethi www.kznheritage.org egqame kakhulu ngezithombe, imifanekiso bhanyabhanya imisindo, okubhalwe phansi, izingxoxo eziqoshiwe kanye nezixoxwa bukhoma,ezizobe zihambisana nengqikithi ezobe inxenxa zonke izinhlaka zomphakathi ngenhloso yokuba kwenziwe ucwaningo olunzulu ngokwehlukana kwemikhakha.

Sekubonakele ukuthi umthamo omkhulu kumele kube sekufinyelelwe kuwo ngonyaka wezi-2020, lapho ingxenye ebalulekile esemthethweni yesifundazwe izotholakala kwi-website. Uthi inhlosongqangi kumbe umyalezo kanye nombono umi kanje: "ukulondoloza ngokwezinombolo nokuheha kokubili imiqulu engamagugu okungashicilelwe phansi okungamagugu esifundazwe saKwaZulu-Natali kuze kuzuze izizukulwane zamanje nezisazozalwa, nokuzihlomisa kumbe ukuzenza zibe izingede zezinjululwazi oluyosiza wonke umuntu, zithuthukise amasiko, inhlalakahle kanye nezomnotho wesifundazwe".

Inhlosongqangi ukufaka ugqozi entsheni ngamagugu ayo ngendlela ekhangayo nezokhuthaza ezokuvakasha iphinde isungule amathuba emisebenzini iphinde ikhuthaze nenhlalonhle eyimbumba ngokuvula abantu amehlo ngokubambisana ngomlando wethu nokusungula umsebenzi esiyoziqhenya ngawo njengesifundazwe saKwaZulu-Natali.

Uthi ungqongqoshe bonke abantu base Ningizimu Afrika mabazixoxele amazwe omhlaba izindaba zabo.

"Lomsebenzi uyobe usuyisinyathelo esisemthethweni sokugcina amagugu esifundazwe njengalokhu lezizindaba ziyobe zixoxwa ngabantu baseNingizimu Afrika", kuchaza umaSithole-Moloi.

Uthi kubhekwe ukwakha isikhungo esingenzi nzuzo esingumqulu ovulekile okhombisa izinhlaka ezahlukene zamagugu aKwaZulu-Natali okuzotholakala kubobonke abantu besifundazwe.

Uphetha ngokuthi amagugu angawawo wonke umuntu, ngakhoke kubalulekile ukuthi zonke izinhlaka zemiphakathi zibambe iqhaza elibonakalayo ekuqinisekiseni ukugcinwa nokuvikeleka kwamagugu namasiko athuthukayo.



**"Umbumbi wesizwe samaZulu iSilo sakwaDukuza uShaka kaSenzangakhona wayenobuhlakani obunzulu njengoba wakwazi ukuqoqa izizwe eziningi wakha isizwe esinamandla esisodwa"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UHULUMENI ULALELE IZINKINGA ZOMPHAKATHI WASEDKT NKOSAZANA DLAMINI ZUMA

LONDIWE NGIDI

Sisesikhulu isililo ngokwentuleka kwamanzi ezingxenyeni eziningi zesifundazwe saKwaZulu-Natali kodwa iyaqhubeka imizamo yokudambisa isimo emazingeni omasipala ngokubambisana noHulumeni wesiFundazwe.

Lokhu kuphinde kwahlaluka ngesikhathi kunomhlangano woNgqongqoshe besiFundazwe ngaphansi ngomkhankaso iSukuma Sakhe obukwaSandanezwe ngaphansi kukaMasipala iDkt Nkosazana Dlamini Zuma. Lokhu ngokusho kukaKhansela N.H.MDuma, oyiPhini leMeya kulo mkhandlu, kukhinyabeza abalimi futhi kuthinta wonke umuntu owakhele leya ndawo. Nokho uthe isixazululo sesikhashana ukuba kuvulwe amanzi ngaphansi kohlelo olubizwa ngokuthi yiSandanezwe water scheme olunhloso yalo ukuba kuphakelwe imiphakathi amanzi okuphuza. Ukuze kuliwe nokuxhashazwa kwamanzi nakuba eyivelakancane kulezi zinsuku uKhansela Duma uyale umphakathi ukuba uwasebenzise kahle kwawona lana ayimbijana akhona futhi usebenzisane nomuntu obhekele ukulawula ukusebenza kwamanzi kuleya ndawo. Lokhu kuzobazisa ukuthi bakwazi ukuxhumana nombhekeli wendawo yabo mabenenkinga yamanzi, bakwazi ukuthola usizo nesixazululo. Umbhekeli wamanzi obhekiwe endaweni yabo angakwazi ukuxhumana noMasipala noma abazise uma amanzi evulelwe ngesilinganiso ngalesosikhathi ukuqinisekisa ukuthi ayongeka futhi anela wonke umuntu. Njengalokhu bekuhambele ithimba loNgqongqoshe umphakathi uthole ithuba lokuba ubeke izingqinamba obhekene nazo ezithebeni zalo leli thimba. Ukukhulelwa kwezingane zesikole zigcine zingaqedanga esikoleni, izingane ezithandana nabesilisa asebekhulile abaziheha ngemali nezinto ezifiselekayo, entsheni ehluphekayo, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukuntuleka kwezingqalasizinda ama-labhorethri ezikoleni, amakhompyutha, imizi ephethwe yizintandane ngenxa yokushona kwabazali nokwanda kwesibalo sabaphila nesifo sengculazi konke kuthiwe sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba ngaphansi kwaloya mkhandlu. Iziphathimandla zithe kumele iminyango eyehlukene isukume ngazo zombili ukuxazulula lezi zimo njengalokhu zingadala ukuba ikusasa lentsha libonakale limfiliba. UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uhambisana noMnyango wezeMfundo esiFundazweni uhambele uWard-15 waseSandanezwe lapho kuvakashelwe izikole ezimbili, iMasamini Secoundary neMandadla High. Kulezi zikole sikhulu isililo ngenxa yokudlanga kwenkinga yokusetshenziswa kwezidakamizwa ngabafundi, ukumitha, ukungalawuleki kwabafundi nokushiya isikole bengawaphothulile amabanga angabaholela emfundweni ephakeme. Okunye okushiye izikhulu zale minyango zidangele ukuvela kwezinsolo zokuthi kunothisha ababili abathinteka ekudayiseleni abafundi izidakamizwa. Abaphathi abaqhamuka kule minyango bathembise ukulufakela izibuko lolu daba futhi bagqugquzela abafundi ukuba bazisize baqoqe izimilo zabo ngoba uma bengakwenzi lokhu ikusasa labo liyophihlikela phansi liphele belibuka. Kube sekushiywa umfaniswano wabafundi abayishumi isikole ngasinye ukuze kusizakale labo abaphuma emindenini edla imbuya ngothi ngokokugqoka esikoleni okubanika isithunzi nokuzethemba. Ámabombo abe esebhekiswa ehholo lapho bese kuyobonwana nomphakathi ukuze kubhengwe ngalokho okushisa ibunzi kubazali nakubantu nje bendawo ngokubanzi. Abahlali baseSandanezwe bakhale kuHulumeni wabo ngokuthi bathenjiswa amadamu namatange amanzi kodwa kuze kube inamhlanje abakaze bakuthole.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu*

Baphinde badlulisa isicelo sokwakhelwa imigwaqo ngoba banenkinga yokuthi kwezinye izindawo izimoto azikwazi ukungena nBayethulile nenkinga yokungabi bikho kombhoshongo wezokuxhumana okwenza kube nzima kakhulu ukushaya ucingo ngomakhalekhukhwini ngisho kunezimo eziphuthumayo.

Okunye abakubeke ezithebeni kube ungafinyeleli kubo koxhaso lwezindlu ezakhiwa nguHulumeni bathi lokhu kubakhubaza kakhulu ngoba banemindeni emikhulu ngakho kungabasiza bahlaba ikhwelo eMnyangweni wezeziNdlu.

Abaphathi beminyango bathe zonke izinto ezethuliwe bazozidlulisa ngononina ezindaweni okufanele zicutshungulwe kuzo kuhlanganisa nomasipala ukuze kwenziwe imizamo yokuzixazulula masinyane.

# Kugqugquzelwe inhlonipho nokuthobeka kubasebenzi bakaHulumeni

SIMPHIWE NDWANDWE

Esikhathini lapho izwe ligubuzelwe yizixakaxaka zemibhikisho yabafundi nokubheduka kokungathotshelwa kwengalo yomthetho, abasebenzi bakaHulumeni eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundeni seTheku bathi makubuyelwe ezisekelweni zempilo yobu-Afrika yenhlonipho nokuzithoba kubantu. Laba basebenzi bakhulume kanjena emcimbini wokuphetha imigubho yenyanga yamasiko uSepthemba obuwenzelwe ehholo lomphakathi esigcemeni sakwa-V eMlaza. Kulo mcimbi, obudle ngobumbano nenjabulo, abasebenzi bebevunule beconsa ngezingubo ezehlukene ezikhombisa indlela yokugqoka kwezizwe ezehlukene okubalwa kuzo amaZulu, amaXhosa, amaMpondo nabasemdabu waseNdiya. Okunye obekuhlabahlosile ngalo mcimbi kube yizibiliboco ezinqanqayo zokudla kwesintu ebezinuka kamnandi, ziconsiza amathe futhi nangesikhathi sekuphakwa ukudla kube mnandi ubungeke usinike esingaboni. UMnuz Themba Mdadane, ongumsebenzi emahhovisi aseMbumbulu, uthe lo mcimbi bayaqala ukuwenza ngakho bazizwa bebusisekile ngoba bathole ithuba lokuthi bahlale bebodwa bengabasebenzi babhunge ngezinto ezibathinta ngqo ngobuntu babo. Ngesikhathi ethula inkulumo egameni labasebenzi abangamaZulu ehhovisi laseMbumbulu uthe inhlonipho ngaso sonke isikhathi kumele ihlale iphezulu ekuziphatheni komuntu wase-Afrika. Uthe njengoba endaweni yokusebenza kuhlangana izinhlobonhlobo zabantu kanjalo namasiko abo ayehluka ngakho ukuze kube khona ubumbano kuyafaneleka ukuba kuhlonishwane futhi kubekezelelwane. “Ukuze bonke laba bantu abaqhamuka ezindaweni ezehlukene bahlalisane kudingeka inhlonipho nokuzehlisa,” kusho uMdadane.

Okunye okugqame ngesikhathi abasebenzi bekhuluma nangezinto ezenzekayo enhlalweni kube yindaba yokudlanga kogibe lokusetshenziswa kwezidakamizwa entsheni osekuye kwaholela emilutheni enekusasa elimfiliba.

Ukhuluma nje isimo sishubile ezweni njengalokhu kunemibhikisho yabafundi esiholele ekutheni kushiswe ezinye zezakhiwo ezisemanyuvesi kwabuye kwalimala ababhikishi namaphoyisa. Uthe abasenzi ngisho emakhaya abo kudingeka ukuthi bakhombise izingane zabo indlela yokuphila eyamukelekayo ukuze kube khona ikusasa eliqhakazile esizweni sakithi. Iqembu lengoma ebelinandisa nalo lisine laqephuza amasebenzi babhema bakholwa. Njengoba kuphethwe inyanga yamasiko uMnyango ugqugquzele abasebenzi bawo ukuba babambe iqhaza nabo kwazise basebenza imiphakathi eyehlukene ezweni enezinhlanga ezihlukene.

Njengoba ukudla kwesintu kuyilokho okugxile kakhulu ekulimeni kuyinto efiselekayo ukuba abantu bonke abayingxenye yomkhakha wezolimo ukuba basebenzise zonke izinkundla ukugqugquzela abantu ukuba basebenze umhlaba njengalokhu kuyindlela yokuphila emiphakathi yabantu abaningi kuleli lizwe.



*Abasebenzi boMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazwe abangaphansi kwesiFunda seTheku bayiphethe ngengoma nemvunulo yesintu inyanga yokubungaza amasiko ezinhlanga ezahlukene kuleli emcimbini obuseMlaza.* ***Isithombe:*** ***SIMPHIWE NDWANDWE***

UMhlonishwa uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni, uMnuz Themba Mthembu, ujonge ukuba imiphakathi yonke ikwenze isisekelo sempilo ukuzondla ngemikhiqizo yezolimo.

Ukulima izitshalo kudingeka kwenziwe ukuze izakhamizi zikwazi ukuzondla futhi zibuye zibe nendlela yokwenza inzuzo yebhizinisi ngemikhiqizo.

Ngakho-ke ukugqugquzelwa kokuba kubuyelwe emasisweni ngezindlela ezehlukene nokuthi abalimi baphathwe ngenhlonipho nangomusa ngabasebenzi iningi labo elingabeluleki bezolimo kuyokwenza ukuba kuphuthume ukulethwa kwezidingo zemiphakathi yezolimo.



**“Ukulima izitshalo kudingeka kwenziwe ukuze izakhamizi zikwazi ukuzondla futhi zibuye zibe nendlela yokwenza inzuzo yebhizinisi ngemikhiqizo.”**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# SEKUYANTWELA EZANSI NGEZINHLELO ZOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA

■ Ziyishumi izifunda ezihlonzwe njengalezo eziyimiphakathi yasemakhaya, iTheku nakuba lithathwa njengesiFunda esithuthukile kodwa linazo izindawo ezisadinga ukuthuthukiswa.

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Ubukeka uthela izithelo ezinhle umkhankaso wokuthuthukiswa kwemiphakathi yasemakhaya esiFundazweni iKwaZulu-Natali.

Lokhu kuza emva kwengqungquthela ebise-Latitude Conference Centre eDube Trade Port, enyakatho yeTheku ebimhla ziyi-15 kuMandulo nebeyenganyelwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN. Le ngqungquthela ididiyela yonke iminyango kaHulumeni wesiFundazwe ngenhloso yokuphuthumisa ukuthuthukisa imiphakathi yasemakhaya ezinhlakeni ezehlukene.

Kule ngqungquthela iminyango kahulumeni ibihlangene izokwethula izinhlelo ephezu kwazo nebanga esilihambile ekuthuthukiseni imiphakathi yasemakhaya ngokohlelo olubizwa nge- Comprehensive Rural Development Project.

UMqondisi wakwa-Rural Development, uNkkz Thokozile Shezi, uthe isikhona inhlansi yethemba elokozayo njengoba lolu hlelo seluqalile ukusebenza ezindaweni ezahlukene zesiFundazwe.

"Saqala ngowezi-2009 ngokuyalelwa nguhulumeni kazwelonke ukuba sisungule uhlelo olufana nalolu, saqala kungekho lutho olubambekayo kodwa namuhla sinazo izindawo esingazikhomba esesiqalile kuzo ukuletha intuthuko nebezihlonzwe njengalezo ezidingeka kakhulu njengako Msinga", kusho uShezi.

Uqhube wathi ukubambisana kweminyango kwenza kube lula ukusizakala kwabantu.

"Ngokubambisana, iminyango iyalekelelana ekuletheni izidingo kubantu njengoba sazi sonke ukuthi uma sekufakwe izindlu endaweni kusuke sekufanele kulandele ugesi, amanzi kanye nezindlu zangasese", kuqhuba yena.

Ngokusho kwalowo onguMqondisi we- Comprehensive Rural Development Project esiFundazweni uMnu Moodley uthe njengoba isiFundazwe sineziFunda eziyi-11, eziyishumi ziyimiphakathi yasemakhaya ngaphandle ngoMkhandlu-Dolobha weTheku. Nakuba kunjalo, uMoodley uthe iTheku linazo izindawo ezithile ezingamakhaya okufanele nazo zibhekeleleke.

"Ziyishumi izifunda ezihlonzwe njengalezo eziyimiphakathi yasemakhaya, iTheku nakuba lithathwa njengesiFunda esithuthukile kodwa linazo izindawo ezisadinga ukuthuthukiswa.

Lolu hlelo-ke lusheshisa ukulethwa kwengqalasizinda efana nemitholampilo, izikole nokunye, ngakho-ke kuyadinga ukuthi iminyango kahulumeni ibambisane", kusho uMoodley.

UDkt Cameron Kutwana, woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uthe sebeqale uhlelo lokuqeqesha odokotela bezilwane abayi-10 esiFundazweni sonke.

"Sinabafundi abayishumi asebephothulile ezikhungweni zemfundo ephakeme esibanika uqeqesho ngokwamakhono emkhakheni wodokotela bezilwane, labafundi sibatshale kuzo zonke izizinda zoMnyango wethu esiFundazweni.

"Sizibophezele ekutheni njalo ngonyaka sithathe abafundi ababalelwa eshumini nangaphezulu, ngalokhu sihlose ukubanika amakhono kulomkhakha ngaphambi kokuba nabo beyovula izizinda zabo bazisebenze", Kusho uDkt uKutwana.

Odabeni lokuvikelwa kwezilwane zasemakhaya, uDokotela uthe kunezimoto zodokotela bezilwane ezihambela imizi ngenhloso yokugwema nokulapha izifo ezithile ezilwaneni ezifuyiwe emakhaya okubalwa izinja, amakati, izimbuzi kanye nezinkomo ikakhulukazi ezindaweni ezinjengase Jozini njengoba kuvame ukuhlasela isifo samatele ezinkomeni.

UDkt Cameron ubuye waveza nokuthi omunye walaba bafundi usebenzisana nabe-KZN Ezemvelo Wild Life ukuqikelela impilo yezilwane zasendle njengoba kuvela ukuthi kuyenzeka izifo zisuke ezilwaneni zasendle zitheleleke kulezo ezifuyiwe.

> *"Sinabafundi abayishumi asebephothulile ezikhungweni zemfundo ephakeme esibanika uqeqesho ngokwamakho no emkhakheni wodokotela bezilwane, labafundi sibatshale kuzo zonke izizinda zoMnyango wethu esiFundazweni.*

# Ubukhazikhazi kwakhiwa izithombe ngama-tiles

■ "Njengo mnyango sizimisele ekweseken amakhono namaciko omphakathi ukuze emiphakathini yethu, ikakhulukazi kwesezindaweni ezasemakhaya izokwazi ukuzithuthukisa"

**TALENT BUTHELEZI**

UMnyango Wezobuciko Namasiko Kwazulu-Natali usubambe i-mosaic workshop eStanger enyakatho yeTheku lapho amaciko ekhiphe ubhozo ngobukhazikhazi bama-tiles. IMosaic ukwakhiwa kwezithombe kusetshenziswa ama-tiles asikiwe amiswe ngamaphethini ahlukahlukene.

Abe esehlanganiswa ngokunamatheliswa ukuze kuphume isithombe okusuke kungesomuntu, isilwane noma esemvelo.

UMnyango uyibambele kwisigcinamagugu iLuthuli Museum kusukela ziyishumi nambili kuya kumhla ziyi16 ku September, 2016. Abafundi besikole samabanga aphezulu iNonhlevu Secondary School kanye nama lunga omphakathi athanda ezobuciko bonke babambe iqhaza mathupha ekwakheni lezizithombe.

Izithombe ezenziwe ezopholi, impigogo kanye neseNkosi Albert Luthuli. Zibesezigaxwa ngoLwesihlanu odongeni zahlobisa lesisgcinamagugu.

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi uyancomeka lomsebenzi owenziwa abantu wathi intsha isizokwazi nokuziphilisa ngamakhona nobuciko kunciphe ukushoda kwemisebenzi.

"Kubalulekile ukufundisa intsha ukuthi iziphilise ngama khono nobuciko ukuze kuqine umnotho kuphele ukushoda kwemisebenzi", kusho uNgqongqoshe.

"Njengo mnyango sizimisele ekwesekeni amakhono namaciko omphakathi ukuze emiphakathini yethu, ikakhulukazi kwesezindaweni ezasemakhaya izokwazi ukuzithuthukisa", kusho ungqongqoshe.

Lephrojethi yenziwe ngobudlelwane obuphakathi koMnyango Wezobuciko Namasiko kanye nesgcinamagugu iLuthuli eStanger.

> *"Kubalulekile ukufundisa intsha ukuthi iziphilise ngama khono nobuciko ukuze kuqine umnotho kuphele ukushoda kwemisebenzi"*



UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi



# UKAUNDA UKHUTHAZE UKUSETSHENZISWA KWAMA-WAR ROOM EMIPHAKATHINI

NONHLANHLA NDWANDWE

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ube yingxenye yohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe lapho iKhabhinethi yesifundazwe ibihambele uMasipala iDkt Nkosazana Dlamini Zuma ngaphansi kwesiFunda iHarry Gwala.

Ngenkathi ehambele isikole samabanga aphezulu iNgonyama High endaweni yaseBulwer ngaphansi kukaWard 10, uKaunda uthole ukuhlabeka umxhwele yindlela lesi sikole esenza kahle ngayo njengoba ukusukela ngonyaka ka-2012 ukuya ku-2015 umatikuletsheni wakhona uphumelela ngamaphesenti ayikhulu iminyaka ilandelana.

Yize kunjalo kodwa uThishanhloko uNks Mokoena uthe kodwa kulo nyaka isikole sinenkinga yokungabi nabo othisha abenele nokwenza ukuthi othisha babe nomsebenzi omningi wokufundisa. Okunye abakhala ngakho ukuthi awukho umtapo wolwazi nokwenza ukuthi abafundi bahambe ibanga elide ukuya edolobheni ukufinyelela emapweni wolwazi.

Esinye isikole esihanjelwe iDlangani High esingenzi kahle kumatikuletsheni.

Ngonyaka ka-2011 lesi sikole senza amaphesenti angu-66 kwathi ngonyaka olandelayo senza amaphesenti angu-100 kwaya ngokwehla eminyakeni elandelayo kwagcina sekungu-86.

Ukuvakashelwa kwezikole kulandelwe umhlangano womphakathi lapho ubuzobeka izikhalo onazo.

Phakathi kwezikhalazo ezibekiwe kubalwa ukwentuleka kwemigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi engekho esimweni.

UNgqongqoshe Kaunda ethula inkulumo yakhe yosuku unxuse izakhamizi ukuthi zisebenzise ama-war room ukwethula izikhalazo zazo yikhona zizokwazi ukuthi zixazululeke.

“Uma sisuke sihambele imiphakathi ehlukene ngaphansi kwalolu hlelo sisuke sifuna ukuthi sizwe izikhalo imiphakathi enazo



*Abafundi baseDlangani High School bamukeliwe umfaniswano nokunye okuyizinsiza ngenkathi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ehambele eBulwer ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe.*

bese ziyaxazululwa. Nalapha sesizwile okuyizikhalo umphakathi onazo futhi ngiyethembisa ukuthi nalezo ezithinta eminye iminyango ngizozidlulisa ngokwaleyo minyango eziqondene nayo,” kusho uKaunda.

Ube esenxusa umphakathi ukuthi ulwe nezingozi zomgwaqo ngokuthi usebenzise imigwaqo ngendlela ehlelekile ubuye ulandele yonke imithetho yawo ngokunjalo ukuze kuhlengeke izimpilo zabantu.

# Yethulwe ngokomthetho iNyanga yezokuThutha KwaZulu-Natal

AKHONA DLAMINI

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda wethule ngokomthetho inyanga yezokuThutha eJozini, ngaphansi koMkhandlu wesiFunda uMkhanyakude kulandela ukuthi uNgqongqoshe kazwelonke uNks Dipuo Peters ethule okazwelonke emcimbini obesesifundazweni iNorth West ngempelasonto edlule.

UKaunda uthe izinhlelweni zenyanga yonke kuzogxilwa kakhulu emisebenzini yengqalasizinda yomgwaqo, kugqugquzelwe ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi ezisesimweni esifanele bese kugcizelelwa nezokuphepha emgwaqeni.

Uthe ezokuphepha emgwaqeni zingezinye zezinto ezisalokhu zihamba phambili ezinhlelweni zale nyanga yezokuthutha njengoba ezibambele mathupha kwimvimbamgwaqo eBhambanana lapho kumiswe izimoto eziningi kwaphinde kwaboshwa abashayeli ngokwephula umuthetho womgwaqo. Ezinhlelweni zengqalasizinda yomgwaqo uKaunda wethule ngokomthetho ukuqala komsebenzi wemigwaqo emibili u-D1842 no-D1841. “U-D1842 ophakathi kweNtabayengwe kuze kuyofika eMbadleni sitshale kuwona imali engu-R647.215 million.

Ukulungiswa kwalo mgwaqo ongamakhilomitha angu-47 ubude kuhambisana nokuthuthukiswa kwemizila exhumanisa isifundazwe sethu namazwe iSwaziland neMozambique. Ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha kuzodaleka amathuba emisebenzi angu-240 kubantu bendawo,” kusho uKaunda

Uqhubeke wathi nosonkontileka abancane angeke basale ngaphandle njengoba bezothola ingxenye engu-30% wethenda lapho umsebenzi olinganiselwa ku-R59 million uzoya kosonkontileka abangu-15 ku-Grade 1; abangu-10 ku-Grade 2; nabangu-8 ku-Grade 3. Uthe kukhona nomsebenzi ozonikwa osonkontileka abathathu ku-Grade 4, ababili ku-Grade 5 noyedwa ku-Grade 6. “Ukwakhiwa kwalemigwaqo kuzohlomulisa abantu baningi kanye nentsha. Siyajabula futhi ukuthi kukhona nama-learneship ngaphansi kohlelo lweNational Youth Service (NYS) azolekelela abafundayo ukuba baqede u-NQF Level 3 (iNational Certificate Road Work Construction),” kusho uKaunda.

Ngenkathi ehambele kule ndawo uKaunda uphinde udlule naserenki yamatekisi eBhambanana lapho ehlole khona isimo sokusebenza kwamatekisi Kanye nokuqwashisa abashayeli bamatekisi ngokubaluleka kokuhlonipha izimpilo zabagibeli.

“Ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wethu sonke. Yingakho kubalulekile ukuthi sonke sihloniphe imithetho yemigwaqo,” kusho uKaunda. Esephetha uKaunda uthe umnynago wakhe uzobheka udaba lokuguqulwa kwezomnotho eMnyangweni wezokuThutha. Uthe uMnyango wakhe unesabelo mali esingaphezulu kuka-R9 billion okumele sisetshenziswe ekuthuthukisweni kwengqalasizinda.

“Sifisa ukuthi intsha ithole amathuba emisebenzi kanye namakhono kwezokwakhiwa kwemigwaqo kanye namabhulo.”

Ukuqinisekisa ukuthi akekho umuntu ozosala ngaphandle sizigcawu izinkundla zokuxhumana nemiphakathi nabanye ababambe iqhaza kwezokuthutha ukubazisa ngezinhlelo zethu ukuze sithole uvo lwabo ikakhulu kazi omama, intsha kanye nabantu abaphila nokukhubazeka,” usho uKaunda.


*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uchazela amaphoyisa ngokulindeleke kuwona njengoba sekuqale inyanga yezokuthutha. Lapha bekungemuva kwemvimbamgwaqo eBhambanana eJozini.* ***Isithombe:*** ***THAMI MKHULISA***


*Ngenkathi kuphendulwa isoyi lemigwaqo uD1841 noD1842 eManyiseni Ngaphansi kukaMasipala waseJozini.* ***Isithombe:*** ***THAMI MKHULISA***



**“Sifisa ukuthi intsha ithole amathuba emisebenzi kanye namakhono kwezokwakhiwa kwemigwaqo kanye namabhulo.”**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# UMPHATHISWA UVULE NGOKUSEMTHETHWENI AMA BOOT CAMPS

Ngifuna ukuzwakalisa ukujabula kwami ukuba ngibe yingxenye yokuvulwa kwalama Boot Camps ahlanganise abantwana abaphuma kuzona zonke iziFunda esiFundazweni.

**SIHLE MLOTSHWA**

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Mhlonishwa u Mthandeni Dlungwane, uvule ngokusemthethweni ama Boot Camps.

Loluhlelo lwama Boot Camps olubizwa nge Provincial Excellence Project, kuhloswe ngalo ukucija ikakhulukazi labo abafundi abenza kahle ezifundweni zabo, futhi abaphiwe ngokomqondo, ukuze baphumelele ngamalengiso, ngaleyondlela balekelele ekunyuseni imiphumela yebanga leshumi esiFundazweni.

Loluhlelo lungaphansi kophiko lakwa Curriculum oluqondiswa uDkt. Bheka Makhathini okunguye obesophondweni lokuhlela lama Boot Camps.

Lama Boot Camps abandakanya zonke iziFunda, abekwe ezindaweni ezintathu esiFundazweni okubalwa I Magudu Inn oPhongola, iDrakensville Resort, e Drakensburg kanye ne Sierra Family Camp, e Mooi River.

Umphathiswa yena uvule ngokusemthethweni I Boot Camp yase Drakesville, ngesonto zimbili ku October, lapho ebephelezelwa yiNhloko yoMnyango uDkt Enoch Nzama, izikhulu zoMnyango kanye nalabo ekade bexhase loluhlelo.

"Ngifuna ukuzwakalisa ukujabula kwami ukuba ngibe yingxenye yokuvulwa kwalama Boot Camps ahlanganise abantwana abaphuma kuzona zonke iziFunda esiFundazweni. Mangisho ukuthi laba abantwana abenza kahle kakhulu emsebenzini wabo.

Sithe asibathathe sibabeke endaweni ezobenza basebenze kanzima futhi siyazi ukuthi ukusebenza ndawonye nokuhlangana kanye nabanye abantwana abasezingeni labo, kuzobenza baphumelele kakhulu," kubeka uMphathiswa.

UMphahtiswa ubonge nothisha abathathe isikhathi sabo bezibandakanya kuloluhlelo.

Ekhuluma nabafundi uqhubeke wathi, "Ngiyazi ngeke nigcine ngokufunda kuphela futhi nizozibandakanya nakwezemidlalo ehlukene okuzonkwenza nemiqondo yenu ihlale iphapheme." Uqhubeke wathi ayikho into emjabulisa njengokubona abantwana bejabule emva kokuba bephase umatekuletsheni wabo.

Lama Boot Camps azothatha amasonto amathathu. UMnyango unezinhlelo eziningi lapho ulekelela khona abafundi abahlangabezana nezingqinamba ekufundeni kwabo.

Yingakho ukubone kubalulekile ukuthi nalabo bafundi abaphiwe kakhulu ngokwengqondo, nabo kube nendlela yokubanakekela.





*UMphathiswa uMthandeni Dlungwana ethula inkulumo yokugqugquzela abafundi baka matikuletsheni abakhempe ngenhloso yokuzolungiselela izivivinyo zika matikuletsheni.* ***Isithombe :*** ***SIBONELO QWABE***

# UDlungwana uhambele iMahlahla High School kanye ne Mandulini High School

**MBALI ZULU**

UNdunankulu wesiFundazwe sakwaZulu- Natal uMhlonishwa uWillies Mchunu ujube oNgqongqoshe bakulesiFundazwe ukuba bavakashele isifunda sase Dr Nkosazana Dlamini-Zuma sonkana ngaphansi kohlelo luka Oparation Sukuma Sakhe ukuba bavakashele izikole zonke izikol ngenhloso yokuvuselela usiko lokufunda nokufundisa ukuze bathole ukuthi kuqhubekani ezikoleni futhi yini edingwa izikole nokuyizidingo ngokwehlukana kwazo. Umhlonishwa uMthandeni Dlungwane yena ubeqokwele ukuba avakashele uWard 7 emphakathini wase Gqumeni.

Uhambele izikole ezimbili iMahlahla High School kanye ne Mandulini High School. Kuzo zombili lezizikole wabafica othisha benezinqinamba ababhekene nazo esikoleni bathembisa nokuthi yini abazoyenza ukushintsha isimo esikoleni nezobasiza ukwenza kahle kulonyaka emphumeleni kamatikuletsheni.

Umhlonishwa ube eseqhubekela phambili kohlangana nomphakathi waku ward 7 lapho umphakathi wawuzikhulumela wona kuhulumeni ufikile endaweni befuna intuthuko endaweni nezidingo abazidingayo emphakathini wonke.

"Kubalulekile ukuthi othisha babambisane nabazali kuzo zonke izidingo zezikole. Bantwana hloniphani othisha ngoba bangabazali benu esikoleni yibo abanibhekile " kuqhuba uMhlonishwa.

Umphakathi wakwa ward 7, ukhombise omkhulu umfutho nogqozi ngokuhambela kukahulumeni phakathi kwendawo yayo babonakele beza ngobuningi babo betheleka bezokuzwa ukuthi uthini uhulumeni emphakathini.





*UNqgonqgoshe weZemfundo uvakashele iMahlahla High School neMandulini High School.* ***Isithombe:*** ***BONGEKILE KHUMALO.***



**Bonke abazali kanye nezikole zomphakathi KwaZulu-Natal abaqinisekise ukuthi ukubhaliswa kwabafundi bebhalisela unyaka ka2017 kwenziwa ngaphambi kuka 31 October 2016.**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwane



*Abafundi basemakolishi ezolimo bakhiphana amaqhafa njengoba kunemidlalo ebanjelwe eCedara egqugquzela ukusebenzisana nokucobelelana ngolwazi kulezi zikhungo.* **Izithombe: MBUYISELO NDLOVU**

# IDILI LEMIDLALO KUBAFUNDI BAMAKOLISHI EZOLIMO EBANJELWE ECEDARA

**BRENDA MQWAMBI**

Ezemidlalo ziyingxenye ebaluleke kakhulu ekusizeni abafundi bahlale begxile ezintweni ezinhle futhi besesimweni esihle ngokwempilo njengoba beqhubeka nezifundo zabo.

Lokhu kushiwo nguMnuz Siyabonga Mazibuko, onguMphathi wekolishi lezolimo obambile esikhungweni esiqeqesha ezolimo esingaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya i-Cedara. Ubekusho emukela abafundi abaphuma emakolishi ehlukene ababuthene eCedara njengalokhu kubanjwe imidlalo yokugqugquzela ukwazana kwabafundi abenza ezolimo ezweni lonke abaqeqeshwa emakolishi ezolimo afana ne-Cedara.

Angu-11 amakolishi ezolimo abambe iqhaza ahlengene ukuzoncintisana ngemidlalo yebhola lezinyawo kanye nebhola lemnqakiswano.

Le midlalo izothatha izinsuku eziyisithupha. Abadidiyeli balo mcimbi abakwa-NACSANO okuyikomidi elibhekele ezemidlalo emakolishi ezolimo ezweni lonke. Le mincintiswano yamakolishi ezolimo yaqala ngonyaka ka-2001.

Inhloso ukuhlanganisa lamakolishi ezoLimo ngokwezemidlalo ukuze kugqugquzeleke abafundi abafunda kulama kolishi futhi bakwazi ukwakha ubuhlobo obuhlala njalo obungagcina sebubasiza ukuba bocobelelane nangolwazi.

Ngaphezu kwalokho abafundi ababambe iqhaza bathola ithuba lokuthi bakwazi ukubona amanye amakolishi ezolimo njengoba le mincintiswani ijikeleza wonke amakolishi ezweni minyaka yonke.

Evula lomcimbi Umphathi wekolishi lase Cedara u Mnuz Mazibuko uthe ubonga kakhulu ngempumelelo yale midlalo, njengalokhu kulo nyaka idlalelwa e-Cedara. Abasbenzi boMnyango nabo banikezwe igunya lokuba babe yingxenye yale midlalo uma isikhathi somsebenzi sesidlulile kwazise uMnyan go ugqugquzela ukuzivocavoca ukuze abasebenzi bahlale bephile saka.

Amakolishi angenele le midlalo singabala Cedara, Fort Cox, Elsenburg, Potch, OSCA, Glen, Groties, Taung, Madzi, Tompi ne-Tsolo.





PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON VISION 2030

KZN Provincial Communications_2016